

# basic education

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2012


IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 80

Le memorandamu inamakhasi ayi-6.


**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA****UMBUZO 1**

- 1.1.1 Ayeyi-10 / ayeyishumi (1)
- 1.1.2 Abafana babebahlanu (5), amantombazane emathathu (3). (2)
- 1.1.3 Yingoba wayethandwa kakhulu/yingoba umama wakhe wayemthanda/  
umagcino/uthunjana/ingane yokugcina/wayemncane. (1)
- 1.1.4 Ukubabhekela uma bengekho ukuthi bangabantshontsheli. (1)
- 1.1.5
- Wayesichitha ngokuya emtatsheni wezincwadi kabili ngesonto. (1)
  - Wayefunda amaphephabhuku (4)
  - Wayefunda amaphephandaba. (okubili kwalokhu)
- 1.1.6
- Obhanana,
  - Umango
  - Amapentshisi
  - Ukwatapheya
  - Amantongomane/amakinati. (peanuts)
- Okubili kwalokhu.
- 1.1.7 Waya kocela usizo kuthisha wakhe/wayebonana nothisha wakhe njalo  
ngoLwesithathu. (1)
- 1.1.8 Waziphasakahleizibalo/ waphumaphambiliesivivinyweniesilandelayo. (1)
- 1.1.9 UNdabenhle wayeyimvu. (2)
- 1.1.10
- Ukuze babenendlu yokuthengisela izitshalo zabo.
  - Ukuze izitshalo zingabuniswa yilanga.
  - Ukuze bavikele izitshalo kanye nabo emvuleni.
  - Babenezithelo eziningi.
  - Amasimu abo ayamakhulu.
- Okubili kwalokhu (2)
- 1.1.11 Wayefuna ukwelekelela indodana yakhe eyase ifuna ukuganwa. (1)
- 1.1.12 Wayeqinisa ubuhlobo ngoba basebezoganiselana. (2)
- 1.1.13 Ngumbono. (1)  
Wayesebenza kanzima esikoleni waze wathola imiphumela engcono/Wayeya  
emtatsheni kabili ngesonto. (1)
- 1.2.1 Iyodwa, ngoba linye igama lentombazane elisetshenzisiwe kule ndaba. (2)
- 1.2.2 Usho ukuthi akanandaba nempilo yakhe, ujatshuliswa ukuphuza utshwala. (2)
- 1.2.3 USandile ukhathazwa uLuke noNontombi abadla izidakamizwa ngoba  
ziyingozi. (2)



- 1.2.4
- Ukugula.
  - Izingane zingalwa zilimazane.
  - Zingafeyila esikoleni uma zifunda
  - Zingaxoshwa esikoleni
  - Ezamantombazane zingadlwengulwa zikhulelwe.
- (Okubili kwalokhu - nokunye okungavela okuhambisana nalokhu) (2)

- 1.2.5 Kungenzeka ukuthi ucabange ngalokhu akutshelwa uSurash ngezidakamizwa/ angaba nezinkinga zakhe abhekane nazo (nokunye okungavela okuhambisana nalokhu) (2)



AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Amaphuzu angabhekwa:

Okucashunwe		Okubhalwe umfundi ngawakhe amagama	
1	<i>'Umuntu angenza umsebenzi wakhe ube sezingeni eliphakeme noma wehle ngendlela aziphatha noma akhuluma ngayo ocingweni'.</i>	1	Indlela umuntu aziphatha ngayo ocingweni ingathuthukisa noma idicilele phansi inkampani ayisebenzelayo.
2	<i>'Ukusebenza kahle ngocingo kwenza nabaphathi bakuqaphele futhi bangakukhuphulela neholo lakho'.</i>	2	Ukuphendula kahle ucingo kungenza nabaphathi balowo owenza lo msebenzi bamkhuphulele iholo.
3	<i>'Hlonipha umuntu okhuluma naye ngisho noma ngabe ungamboni'.</i>	3	Inhlonipho ibaluleke kakhulu noma Ngabe lowo okhuluma naye awumboni.
4	<i>Ungaluyeki ucingo lukhale isikhathieside lungaphendulwa.</i>	4	Kubalulekile ukuthi ucingo lusheshe lubanjwe lungakhali isikhathi eside.
5	<i>'Uma kunjalo kufanele uqaphele ukuthi ungalokothi ushiye umuntu esikhaleni engazi noma usumxhumanisile nalowoafuna ukukhuluma naye noma cha'.</i>	5	Yiba nendlela ekhombisa inhlonipho Yokuchazela lowo oshaya ucingo Uma engeke akwazi ukukhuluma nalowo amfunayo.
6	<i>'Buza ukuthi angakujabulela yini ukusizwa nguwe noma ufuna ucele lowo abefuna ukukhuluma naye amshayele ucingo uma eseqedile lokho akwenzayo'.</i>	6	Cela ukumsiza lowo oshaya ucingo Uma kungukuthi lo asuke emfuna akatholakali.
7	<i>'Beka umyalezo etafuleni likamphathi wakho ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uwutholile'.</i>	7	Qiniseka ukuthi umyalezo osuke uwuthathile uwedlulisela kumuntu ofanele

**Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:****Ukwabiwa Kwamamaki:**

- Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).
- Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle koLimi.
- Isamba samamaki-10

**Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kulimi Uma Umfundi Esebenzise****Awakhe Amagama:**

- Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
- Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2
- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.

**QAPHELA:**• **Isakhiwo:**

Noma ngabe isakhiwo sendaba sibhalwe ngendlela efanele, kumele sifundiswe bese simakwa ngendlela efanele.


**Ukubalwa Kwamagama:**

- Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
- Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
- Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqiwe, omakayo kumele afunde amagama amahlanu ngaphezu kwesibalo esinqunyiwe angabe esakunaka okunye okuza emva kwalokho. Indaba efingqwe ngamagama angaphansi kwenani elibekelwe ibe inawo wonke amaphuzu abalulekile ayiphucwa amamaki.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10****ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI****UMBULO 3**

- 3.1 Ukugqamisa/ ukuheha/ ukudonsa amehlo abantu ukuze babone kalula/basheshe babone okukhangiswayo. (2)
- 3.2
- Izimbuzi
  - Izinkomo
  - Iziklabhu/izimvu (Okubili kwalokhu)
- 3.3 LwesiBhunu (1)
- 3.4 Usho ukuthi uma umuntu engasukumi ngeke athole izinto ezinhle/ ezimfanele. Kungasho futhi ukuthi uma ungasheshi ukusukuma uzophuthelwa. (2)
- 3.5 Laphauyahlinzelwa, usikelwe, ugcinelwenasemakhazeni. (1)
- 3.6 Izimpendulo ziyokwehluka:

Cha. Benzela ukuthi abantu beze bazothenga okudayiswayo/ ulimi olukhohlisayo.



*[Handwritten signature and initials]*

**NOMA**

Yebo. Kungenzeka ukuthi awafani nakwezinye izindawo aphansi ngempela. (2)  
[10]

**UMBUZO 4**

- 4.1 Bayaxoxa/ bazihlalele baphumule. (1)
- 4.2 Ubuhlungu bokushonelwa izihlobo abazithandayo/ ubuhlungu bokushonelwa. (1)
- 4.3 Ubaba. (1)
- 4.4 Emngcwabeni (1)
- Bekugcwele kakhulu emngcwabeni kaSizakele.  
(Imisho iyokwehluka) (1)
- 4.5 Ukushona/isiShona/amaShona/ubuShona. (1)
- 4.6 Inhliziyo kaThemba ayibuhlungu / ayikho buhlungu.. (2)
- 4.7 Izimpendulo ziyokwehluka:


Yebo – kufanele ngoba kwenza zamukele ukuthi ngempela othandiweyo wazo akasekho.

**NOMA**

Cha – akufanele ngoba ngokwesiko lesintu/ lesiZulu izingane akufanele ziye emngcwabeni. (2)  
[10]

**UMBUZO 5**


- 5.1.1 (a) Indlu yesonto. (1)
- (b) Ngizohamba isonto lonke./Abakhongi bazofika ngeSonto. (2)
- 5.1.2 Ukubhemainsangu / izidakamizwa. (2)
- 5.1.3 Kugqezwe ibandla (5.3.1)elikhulu. Lokhu kumangaze (5.3.2) wonke umuntu, kwaphinde kwahlehlisela emuva imizamo (5.3.3)encomekayo yebandla. Amaphoyisa (5.3.4)asaphenya/aphenya indoda nendodana (5.3.5) yayo. (5)
- 5.1.4. Okhulumela amaphoyisa uthe kukhona amacala aphenywayo kodwa/kepha akukaboshwa muntu. (1)



*Ms. [Signature]*

- 5.1.5 Isikhuliso (1)
- 5.1.6 Indlwana (1)
- Udilikelwe yindlwana yakhe ngenxa yesiphepho (neminyeimisho). (1)
- 5.2.1 Silima/Yeyiwena/Lesi sishimane. (1)
- 5.2.2 Imizwa yokucasuka. (1)
- 5.2.3 Inkolelo engaguquki. (1)
- 5.2.4 Baqinisile abathi abafana bazi ukusebenzisa izidakamizwa nokuhlukumeza amantombazane nje kuphela. (2)
- 5.2.5 Uyidonsa ngezinwele/ uyibamba ngenkani/uyiphakamisela isandla. (1)
- [20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**



*Handwritten signature and initials.*



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**NOVEMBA 2012**

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi ayi-11.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukane IZIQEPHU EZINTATHU:  
ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisa (30)  
ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)  
ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (40)
2. Fundisa yonke imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
9. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:  
ISIQEPHU A: Imizuzu engama-45  
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-20  
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55



**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA****UMBUZO 1**

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMNDENI WAKWAZUMA**

UMnumzane Zuma wayeyindoda ehloniphekile endaweni yaseMadadeni. Unkosikazi wakhe kwakunguMaNgema. Umndeni wabo wawumkhulu. Uma sebonke lapha kwaZuma babeyi-10 sekuhlangene nabazali. Kwakukhona amantombazane amathathu nabafana abahlanu. Ingane yokuqala yalapha kwaZuma kwakunguZandile. UNdabenhle yena wayeyingane yokugcina. Umama kaNdabenhle, uMaNgema, wayemthanda kakhulu uNdabenhle ukudlula abanye. Wayethola konke akufunayo. Yonke imisebenzi enzima yayenziwa abadala yena enze imisebenzi elula njengokushanela ngaphandle. Yilokho kuphela nje ayekwenza.

UNdabenhle wayehlala enesikhathi esiningi ngoba wayengenayo imisebenzi eminingi ayenzayo ekhaya. Okuhle kakhulu wukuthi sonke lesi sikhathi ayenaso wayesisebenzisa kahle. Wayehlala efunda amaphephabhuku namaphephandaba. Kabili ngesonto wayeya emitatsheni yezincwadi (library) eyoboleka amabhuku ayengawafunda. Wayengafani nabangani bakhe ababehlala bedlala uma bengenawo umsebenzi, yena wawungeke umthole ehleli nje engenzi lutho. Wayehlale efunda njalo. Yikho lokhu okwakumenza azi izinto eziningi. Esikoleni othisha babemangala ukuthi ulwazi olungaka uluthathaphi ngoba ayikho into eyayimehlula/ayengayazi uNdabenhle ngaphandle kwezibalo nje ezazibuye zibe nzima.

Kwakumkhathaza/kwakumhlupha ukungazazi kahle izibalo, yingakho waze wahlela ukucela usizo komunye wothisha bakhe. UMnumzane Sokhulu owayebafundisa izibalo wavuma ukumsiza. Bavumelana ukuthi babezobonana njalo ngoLwesithathu uma sekuphume isikole. Akuphelanga sikhathi esiningi behlangana, wawusubonakala umehluko. Esivivinyweni esilandelayo waphuma phambili, wabahlula bonke ezibalweni. Uthisha wakhe wambiza wamtshela ukuthi uyaziqhenya ngokusebenza kanzima kwakhe. Ukuphumelela kwakhe kwaba ngubufakazi bokuthi uNdabenhle wayengahlulwa lutho.

Eduze kwesikole ayefunda kuso uNdabenhle kwakunomuzi omuhle wakwaNgidi. Babenamasimu amakhulu kulo muzi. Into ababeyikhuthalela ukuyitshala/ukuyilima futhi ikhula kahle kwakungamantongomane/amakinati (peanuts). Uma eselungele ukudliwa babewathengisa. Izingane zesikole zaziwathenga kakhulu. Kwaze kwagcina sekuthengiswa nezinye izitshalo lapha kwaNgidi, baze bakha nesitolo esincane lapho babethengisela khona izithelo ababezitshalile njengobhanana, umango, amapentshisi, ukwatapheya (avocado) nokunye okuningi. Amasimu akwaNgidi ayemakhulu, babengakwazi ukubona ukuthi izingane ziyawantshontsha amantongomane uma zibuya esikoleni. UNdabenhle wayeyimvu, yingakho ayebakhuza labo ababethanda ukuntshontsha.

UNdabenhle wayebabonisa abangani bakhe ukuthi kungcono bangene bawacele amakinati kunokuba bawantshontshe. Abangani bakhe babemhleka ngoba bazi ukuthi uma bewacela bazomncisha. Yikho babezithathela ngaphandle kokuwacela. Kwathi ngelinye ilanga bebuya esikoleni bangena ensimini beyontshontsha amakinati. Besantshontsha kwaqhamuka umnumzane Ngidi. Wathi ethi uphakamisa ikhanda uNdabenhle, wayesemi phambi kwakhe umnikazi wensimu. Wamane wangazi ukuthi enzenjani uNdabenhle. Wathi ezama ukubaleka wambamba uNgidi, ngaleso sikhathi abangani bakhe base bebalekile.


Wasala yedwa uNdabenhle namantongomane ayewaphethe elokhu ewela phansi ngenxa yokwethuka. Uma embuza uNgidi, wakhuluma lonke iqiniso uNdabenhle washo ukuthi aze angene ensimini yingoba abanye babembiza ngephoyisa lakwaNgidi. Lokhu kwafakazelwa ukuthi lapho uNgidi ephuma ensimini ebambe uNdabenhle ngesandla wezwa ezinye izingane zimemeza zithi, 'Hhayi bo! Wabamba iphoyisa lakwakho uzogadelwa ubani kusasa?' Wamangala uNgidi ezwa lawo mazwi, sathamba isandla wamededela/wamyeka. Wathi lapho uNgidi embuzisisa kahle wathola ukuthi lo mfana uyingane yokugcina kubo kaZandile lo othandana nomfana wakhe. Phela uNgidi usebenza kangaka nje ngoba enzela khona ukusiza indodana yakhe ecabanga ukuyolobola kwaZuma. Wabonga kuNdabenhle wamupha amantongomane wamfakela eplastikini ukuze aphaathele abasekhaya.

[Icashunwe ku-IsiZulu Sethu – AT Kheswa]

- 1.1.1 Ayemangaki amalungu omndeni wakwaZuma esewonke? (1)
- 1.1.2 Zazizingaki izingane zakwaZuma sezizonke? Zehlukanise ngobulili bazo. (2)
- 1.1.3 Kungani uNdabenhle wayenikezwa umsebenzi olula. (1)
- 1.1.4 Khetha impendulo efanele kubakaki:  
 Ukuba yiphoyisa lakwaNgidi kusho (ukubabhekela uma bengekho ukuthi bangabantshontsheli, ukubamba abadlula ngendlela, ukunika abantu lokho abakudingako). (1)
- 1.1.5 UNdabenhle wayesichitha kanjani isikhathi sakhe? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 1.1.6 Bhala izihlobo EZIMBILI zezitshalo ezazilinywe kwaNgidi. (2)
- 1.1.7 Wenzani uNdabenhle ukubhekana nenkinga yokuhlulwa izibalo? (1)
- 1.1.8 Okwenziwa nguNdabenhle KUMBUZO 1.1.7, kwaba namthelela/namphumela muni esifundweni sezibalo? (1)
- 1.1.9 Endabeni oyifundile caphuna umusho oqukethe isifenqo esichaza ukuthi uNdabenhle wayeyingane elungile. Bheka esigabeni sesi-4. (2)

- 1.1.10 Ngokucabanga kwakho abakwaNgidi babesakhelani isitolo esincane? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 1.1.11 Yini eyayibangela uNgidi asebenze ngamandla ekuthengiseni amantongomane? (1)
- 1.1.12 Ngokucabanga kwakho kwakwenziwa yini ukuthi uMnumzane Ngidi athi uNdabenhle aphathele abasekhaya amakinati? (2)
- 1.1.13 Ngabe yiqiniso noma ngumbono ukuthi uNdabenhle wayeyingane eyivila? Sekela impendulo yakho. (2)

1.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela:



- 1.2.1 Mangaki amantombazane kulesi sithombe? Uwabona ngani? (2)
- 1.2.2 Umbuzo kaLuke othi 'Kunani ukuphuza?' ngabe ukutshelani ngaye? (2)
- 1.2.3 USurash ubukeka ekhathazekile. Ngabe yini le emkhathazayo? (2)
- 1.2.4 Bhala izinkinga EZIMBILI ezingavezwa/ezingadalwa ukudla izidakamizwa. (2)
- 1.2.5 Ukhombisani uZama ngokubambelela esihlathini? (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA****UMBUZO 2**

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi esikhuluma ngezindlela zokuziphatha ocingweni. Bhala umaphuzu ayi-7 ozowasebenzisa endabeni yakho oyifingqile.

**IMIYALELO**

1. Bhala amaphuzu ayi- 7 ngemisho ephelele. Amagama akho abe phakathi kwamagama angama-50 kuya kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela ku-1 kuya ku-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni.
4. Sebenzisa amagama akho emshweni.
5. Ekugcineni kwamaphuzu onke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**IZINDLELA ZOKUZIPHATHA OCINGWENI**

Umuntu angenza umsebenzi wakhe ube sezingeni eliphakeme noma wehle ngendlela aziphatha noma akhuluma ngayo ocingweni. Ucingo luyinto ebaluleke kakhulu ehhovisi noma emsebenzini. Uma ungumuntu osebenza ngocingo ufana nomuntu omele inkampani yakho emphakathini. Ukusebenza kahle ngocingo kwenza nabaphathi bakuqaphele futhi bangakhuphula neholo lakho. Iphimbo lakho yilona elingakhela inkampani yakho isithunzi noma lisiwisele/lisehlisele phansi. Hlonipha umuntu okhuluma naye ngisho noma ngabe ungamboni.

Ukuphendula ucingo ngokushesha kuyinto enhle. Ungaluyeki ucingo lukhale isikhathi eside lungaphendulwa. Zama ukulubamba ngaphambi kokuthi lukhale kathathu. Bingelela bese usho igama lenkampani kanye neloMnyango (Department) uma kuyimboni enkulu. Ungazwakali ukhathele noma sengathi ujahile uma uphendula ucingo. Izwi lakho malibe nokumamatheka, kube sengathi ukhuluma nomuntu osendlini eyodwa nawe noma phambi kwakho.

Ngesinye isikhathi uthola ukuthi kufanele udlulise izingcingo. Uma kunjalo kufanele uqaphele ukuthi ungashiyi umuntu esikhaleni engazi noma usumxhumanisile nalowo afuna ukukhuluma naye noma cha. Phendula ngokumcela ukuthi akabambe ucingo ngenkathi wena usazama ukumtholela lowo afuna ukukhuluma naye. Buza igama loshaya ucingo ukuze lo amfunayo ezokwazi ukuthi uzokhuluma nobani.

Ungamtsheli umuntu ukuthi angeke akwazi ukukhuluma naye lowo amshayekele ucingo. Ukwenza njalo kungakhombisa ukuthi yena akabalulekile njengoba enganakwa nje. Xolisa nje bese umtshela ukuthi lowo amfunayo akekho noma angeke akwazi ukuthatha ucingo lwakhe ngaleso sikhathi. Buza ukuthi angakujabulela yini ukusizwa nguwe noma ufuna ucele lowo abefuna ukukhuluma naye amshayekele ucingo uma eseqede lokho akwenzayo. Lokhu kukhombisa ukuthi ungakwazi ukulungisa inkinga

encane ngokushesha ngaphandle kokuchitha isikhathi elindisiwe. Uma obeshaye ucingo ethenjiswa ukuthi nizomshayela, qiniseka ukuthi nangempela lokho kuyenzeka.

Qaphela noma cophelela uma uthatha imiyalelo. Kusemqoka ukuthi kufanele ungacabangi ukuthi ukuzwa kahle konke okushiwo yilowo oshaye ucingo. Kubalulekile ukuthi uphinde umfundele umyalezo wakhe. Lokhu ukwenzela ukubona ukuthi imininingwane efana nosuku, indawo, izibalo nokunye uyizwe futhi wayibhala kahle yini. Uma kukhona amagama ongawajwayele enkulumweni yakhe mcele akutshela indlela abhalwa ngayo. Beka umyalezo etafuleni likamphathi wakho ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyawuthola.

[*Icashunwe kuphephabhuku iBona: 2011*]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

**ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI****UMBUZO 3**

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.



**KWA JUSTICE**  
S.E. MOOLLA LIVESTOCK  
DOESBERG ROAD  
STANGER  
TEL: 032-5512408 • FAX 032-5514720 CELL: 083 786 5022

**WALALA  
WASALA**

**WAVUKA,  
WAZISOLA!!!**

KWA JUSTICE LIVESTOCK Sidayisa izinkomo, izimbuzi kanye nezimvu. Sinazo ezenyama, ezobisi, kanye nezokufuya. Kanti futhi siyadiliva kuzo zonke izindawo ngamanani aphantsi. Siyakuthengisela ngobuningi, ngentengo engcono. Siyabasiza nabeZITOKOFELA. Siyakuhlizela ... Sikusikele ... Sikugcinele ... emakhazeni. Ngemininingwane egcwele ungaxhumana nathi ...

KWA-JUSTICE LIVESTOCK, DOESBERG, STANGER (032) 5512408

[Icashunwe ku-Isolezwe Okthoba 2011]

- 3.1 La magama athi: **KWA JUSTICE** abhalelweni aba makhulu? (2)
- 3.2 Bhala OKUBILI okukhangiswayo kulesi sikhangisi esingenhla? (2)
- 3.3 Khetha impendulo efanele kubakaki:  
Igama istokofela libolekwe olimini (IwesiBhunu, IwesiJalimani, IwesiNgisi) (1)
- 3.4 Chaza lesi simo sokukhuluma: 'walala wasala'. (2)
- 3.5 Phinda ubhale lo musho olandelayo usebenzise izimpawu zokuloba ezifanele.  
Ipha uyahlizelwa, usikelwe ugcinelwe nasemakhazeni. (1)
- 3.6 Ingabe amanani okudiliva kwalaba bantu aphantsi ngempela? Sekela impendulo yakho. (2)

**[10]**

**UMBUZO 4**

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.



[Sicashunwe encwadini Sisikha Embizeni]

- 4.1 Benzani laba bafana lapha? (1)
- 4.2 Yibuphi ubuhlungu obufanayo obuke bezwiwa yilaba bafana bobabili? (1)
- 4.3 Khetha impendulo efanele kubakaki:  
Umkhulu umuntu ozala (udadewethu, ubaba, umzala) (1)
- 4.4 Khipha isandiso sendawo kule nkulumo yalaba bafana uphinde usisebenzise emushweni ozakhele wona. (2)
- 4.5 Yakha ibizo ngesiqu sesenzo –**shona**. (1)
- 4.6 Guqula lo musho olandelayo ukhombe ukuphika:  
Inhliziyo kaThemba ibuhlungu. (2)
- 4.7 Ngokwakho ukucabanga ngabe kufanele izingane ziye emngcwabeni? Sekela impendulo yakho. (2)
- [10]**

**UMBUZO 5**

## 5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

Kusolwa izigebengu ezidla insangu ngokugqezwa kwendlu yesonto lamaLuthela eMseni eNanda. Leli sonto ebelisakhiwa kodwa eseligqezwe kabili ezinyangeni ezimbili zilandelana kanti futhi kuzona zombili lezi zigameko akukaboshwa muntu. Amalungu ebandla azwakalise ukukhathazeka ngalezi zigameko. Isigameko sokugcina senzeke ngeledlule lapho kuntshontshwe khona amapuleti, izintambo zikagesi kwacekelwa (vandalise) phansi amalambu kagesi afakwe ophahleni lwendlu okuthiwa anekhopho. Kuthiwa lezi zigebengu zinqamule izinsimbi emawindini (burglar guards) ngaphambi kokuthi zingene zizenzele umathanda esontweni. Isigameko sokuqala kuthiwa senzeke ngoSeptemba lapho kwantshontshwa khona izitulo ezingama-40.

UMshumayeli kuleli bandla uthe zombili lezi zigameko bazibikile kwabomthetho. Uthe amaphoyisa abatshela ukuthi kunzima ukulandela la macala ngoba abekho abasolwayo. UMshumayeli uphinde wachaza lezi zigebengu njengabantu abangenanembeza abakwazi ukugqezwa ithempeli likaNkulunkulu. Uthe basola osikhotheni ababhema insangu ngalezi zigameko. UKapteni okhulumela amaphoyisa uthe akhona amacala amabili okugqezwa aphenywayo, akukaboshwa muntu.

[Icashunwe ku-Isolezwe Okthoba 2011]

5.1.1 Bhala igama elimqondofana nalelo elidwetshelwe emshweni olandelayo.

(a) Kugqezwe ithempeli lamaLuthela eNanda. (1)

(b) Sebenzisa igama olibhale ku-(a) emshweni liveze umqondo ohlukile kunalowo otholakala esiqeshini. (2)

5.1.2 Chaza lesi simo sokukhuluma:

Ukudla insangu. (2)

5.1.3 Sebenzisa izivumelwano ezifanele kule misho elandelayo ukuze inikeze umqondo ozwakalayo:

Kugqezwe ibandla (5.3.1) ... khulu. Lokhu kumangaze (5.3.2) ... nke umuntu, kwaphinde kwahlehlisela emuva imizamo (5.3.3) ... ncomekayo yebandla. Amaphoyisa (5.3.4) ... phenya indoda nendodana (5.3.5) ... yo ngalokhu. (5)

5.1.4 Phinda ubhale imisho elandelayo usebenzise isihlanganiso esifanele.

Okhulumela amaphoyisa uthe kukhona amacala aphenywayo. Uthe akukaboshwa muntu. (1)



5.1.5 Shono ukuthi isakhi esidwetshelwe sikhombani:

Kuphihlizwe ilambukazi ebelifakwe ophahleni lwesonto. (Isandiso, isichasiso, isikhuliso).

(1)

5.1.6 Nciphisa igama elithi **indlu** bese ulisebenzisa emushweni ozozakhela wona.

(2)

5.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.



Yeyi wena silima somfana! Musa ukungibamba ngenkani lesi sishimane lesi! Usufuna ngikuqome khona uzongikhulelisa bese ungishiya nengane negciwane lengculazi? Baqinisile abathi abafana bazi ukusebenzisa izidakamizwa nokuhlukumeza amantombazane nje kuphela.

5.2.1 Yiliphi igama elikhombisa indelelo kulesi siqeshana esingenhla?

(1)

5.2.2 Igama elithi **isishimane** livusa miphi imizwa?

(1)

5.2.3 Amazwi akhulunywa yintombazane athi: 'Usufuna ngikuqome khona uzongikhulelisa bese ungishiya negciwane lengculaza' akhombisa kuphi kulokhu okulandelayo: (inkoleloze, inkolelo engaguquki, inkolelo ngqo)

(1)

5.2.4 Khipha umusho okhombisa ukuthi le ntombazane icabanga ukuthi bonke abafana baziphethe ngendlela efanayo.


(2)

5.2.5 Yini eyenziwa yilo mfana eyenza le ntombazane ikhulume ngale ndlela ekhuluma ngayo?

(1)

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**



# basic education

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2012

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 70

Le memorandamu linamakhasi ayi-17.

## ISIQEPHU A: INOVELI

### KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu

#### UMBUZO 1

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- Indikimba yalo mdlalo ngubuqotho.
- UManyoba uvezwe njengendoda eqotho, ewuhloniphayo umphakathi futhi ewunakekelayo umndeni wayo.
- UManyoba usebenze kanzima impilo yakhe yonke wazincisha ubumnandi ukuze akwazi ukunakekela izidingo zomndeni wakhe.
- Izifiso zakhe zaphumelela ngoba abantwana bakhe bafunda, baganwa, wabalobolela baba nemizi yabo. Impumelelo yabantwana bakhe yayikhombisa ubuqotho bakhe ngokubakhulisa ngendlela eqotho ukuze bakwazi ukuzimela.
- Nonkosikazi wakhe wamthanda kwaze kwaba sekugcineni. Wayengabhungukela eGoli njengoba amadoda amaningi ayenza kodwa wayesebenza engakhohliwe yikhaya.
- Ngaphezu kwalokhu uManyoba wayezithuthukisa efunda ngeposi.
- Emuva komsebenzi onzima wasemini, wayeya esikoleni ebusuku ayofunda. Lokhu kwamenza wafunda waze wathola isitifiketi sebanga le-12.
- Okwaba buhlungu ukuthi kwathi lapho yena esefuna izingane zakhe ukuthi zimnakekele zavele zenza okuhlukile. Kodwa ngenxa yokuthi uma wenza okulungile njalo angeke uMdali akulahle, noManyoba wazithola esewina iLotto wangabe esaba ngumthwalo ezinganeni zakhe.
- Ukuwina kwakhe iLotto kusinika isifundo sokuthi ungakhathali ukwenza okuhle njalo ngoba esikhathini sokweswela imithandazo yakho iyosheshe izwakale kuMdali bese ekwesula izinyembezi.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)


[35]

## NOMA

#### UMBUZO 2

- 2.1 KukwaMchunu/ kukwaMacingwane (1)
- 2.2 Ingane engabuyile ekhaya sekusentathakusa nakuba uFanyana akhononda kumama wayo ngokuhamba kwayo kuze kube sebusuku kakhulu. (2)
- 2.3
- Kwazi bani ukuthi ayilimele la ikhona?
  - Mina ngibona kufanele sishayele amaphoyisa siyibike manje le ndaba, sengiyesaba.
- (Okukodwa kwalokhu) (2)
- 2.4 EMnambithi. (1)
- 2.5 Umalume/ uninalume (1)
- 2.6 ENewcastle naseBergville. (2)


Akuvumelekile ukukopisha leli phepha



Pheqa ikhasi

*FMK MM*

- 2.7 lbanga-12. (1)
- 2.8 Wayephethwe izibhobo. (1)
- 2.9 2.9.1 Mirriam. (1)
- 2.9.2 MaNdlovu. (1)
- 2.9.3 Thembalihle. (1)
- 2.9.4 Zakwe. (1)
- 2.9.5 Uxolo. (1)
- 2.10 2.10.1 Ukushintsha indlela umuntu enza ngayo izinto. (2)
- 2.10.2 Ukutshela umuntu into ugcizelele ukuze wenze isiqiniseko sokuthi  
uzwile wazwisisa/Ukumyalisisa/ukumxwayisa (2)
- 2.11 • Wawafundisa aze athola iziqu zaseNyuvesi wonke. (2)  
• Wawalobolela.
- 2.12 Izimpendulo ziyokwehluka



Cha, abakhwenyana abatholwa ngokuhamba ebusuku/abakhwenyana yibona ababheka omakoti akusiye umakoti ohamba ezifunela umkhwenyana.

### NOMA

- Yebo, intombazane uma ihlezi ekhaya abafana ngeke bakwazi ukuyibona bayeshele. (3)
- 2.13 • Ungabozenzela yonke into izingane zakho noma ngabe uzithanda kanjani. (3)  
• Kuhle nazo kezibuzwe ubunzima bokuzabalaza ukuze zithole lokho ezikufunayo.  
• UManyoba wadela konke waze wakhohlwa nawukubeka imali yokuziphilisa lapho esethathe umhlalaphansi ngoba efuna ukusiza izingane zakhe. Kodwa zona zathi lapho seziphumelele zamkhohlwa. (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)
- 2.14 • Amadodana ahlangu abonisana ukuthi azobathatha abazali bawo ngokuhlukana. (4)  
• Umuntu emunye wayezogcina umzali oyedwa izinyanga ezine.  
• Lesi sinqumo basithatha bengabonisananga nabazali kanye namakhosikazi abo.  
• Umama waqala wahamba noFanyana wayohlala naye eGoli, ubaba wathathwa nguMjwayeli wayohlala naye eThekwini. (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)
- 2.15 Yiqiniso, UFanyana waphatha kabi umama wakhe ngoba esaba umkakhe. NoMjwayeli waphatha kabi uyise eThekwini ngenxa kankosikazi wakhe. (3)

[35]

*[Handwritten signature]* FMIC MM

**NOMA****UMBUZO 3: UMSHADO – N Zulu**


Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

Konke okwenzeka lapha kukhombisa ukungaziphathi kahle kukaTholakele nezinhlolo eziningi zobugebengu ayebenza, okuyikho okusivezela indikimba yale noveli ewubugebengu. Lokhu kufakazelwa yilamaphuzu alandelayo:

- UTholakele ohlala emjondolo, eNyawushane kubonakala isimilo sakhe singesihle.
  - Usebenzisa igama lobufelokazi ukuze akwazi ukucasha kahle futhi angaboshwa.
  - Isimo somnotho esingasihle siyamsiza ukuthi azenze imali futhi angaboshwa.
  - Akekho umuntu onaka omunye kule ndawo, wonke umuntu uzibhekele okwakhe.
  - Pamella, uBhatomu noZenze yibona abamsizayo ukuqhuba lo msebenzi wakhe ongalungile.
  - UPamella onguMlungu uza nazo izidakamizwa esuka endaweni yakhe zizodayiswa lapha eNyawushane.
  - Ulotsholwa kuZenze hhayi kubazali bakhe kugcina kukhushulwe nelobolo ngezi R2 000.
  - Uboleka imali yokukhipha uZenze ejele kodwa yangabuya ngoba kungenye yezindlela zokwenza imali.
  - Lezi zidakamizwa azidayisayo uTholi, naye uyazidla zaze zagcina sezimgulisa esengene nasesibhedlela.
  - Ubugebengu buvela obala ngelanga lomshado lapho okwangena khona amaphoyisa esefake uPamella ozankosi afike abopha uTholakele bachitheka bugayiwe.
  - Yena wayezitshela ukuthi zonke izinto zihamba ngomumo kanti akabuzanga elangeni ukuthi kayikho impunga yehlathi.
  - Baboshelwa zona izidakamizwa nemali yomgunyathi.
- (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)

**NOMA****UMBUZO 4: UMSHADO – N Zulu**

- |     |                                                                                                                                          |     |
|-----|------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|-----|
| 4.1 | Umfowabo womnyeni kaTholakele owashona./Yimbang kaBheki.                                                                                 | (1) |
| 4.2 | UTholakele/uTholi.                                                                                                                       | (1) |
| 4.3 | UBhatomu ufica uBheki ezobona uTholi esibhedlela lo ambiza ngomkakhe/ uBheki ufuna ukushada noTholakele kanti uBhatomu umbiza ngomkakhe. | (2) |
| 4.4 | Avuke gubhubhu uBheki.                                                                                                                   | (2) |
| 4.5 | 4.5.1 Ukukhipha ummese.                                                                                                                  | (2) |
|     | 4.5.2 Ukubaleka.                                                                                                                         | (2) |
|     | 4.5.3 Ukwenza imizamo yokuthi umshado ungabibikho.                                                                                       | (2) |
| 4.6 | Kwasha izingubo zakhe zikuwodilophu.                                                                                                     | (2) |



Fmk      Jm      Mm

- 4.7
- UTholakele wakwazi ukudayisa ngezidakamizwa kalula ngoba wayengekho onake omunye ukuthi wenzani. phela (1)
  - Amakhasimende akhe amaningi ayehlala emjondolo. (1)
- (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)

- 4.8 Lalichaza ukuthi uyise akafuni ashade nomfelokazi onguTholi. (2)

- 4.9 Izimpendulo ziyokwehluka

Wayeshonelwe yindoda: uBhatomu wayefuna ukumngena. Wabuza uBheki ukuthi umfunani umkakhe.

#### NOMA

Wayengashonelwe: wayefuna ukwenza ubugebengu bakhe bokuzenzela imali ngoba umuntu ozilile uyahlonishwa. Wayengacacisi uma ebuzwa ukuthi uzoyikhumula nini inzilo.. (2)

- 4.10 OKUTHATHU kwalokhu. (3)
- UTholakele uzilile.
  - UBhatomu ufuna ukungena uTholakele.
  - Umama kaBheki uya ezangomeni.
  - UBhekani ulobola uTholakele.
  - Umama kaBheki wazi izindaba zikaTholakele engakaze ambone.
  - Ukushiswa kwempepho.
- (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)

- 4.11 Izimpendulo ziyokwehluka
- Ngiyaphika - USifiso wayengamtsheli uBheki akwaziyo ngoTholi ngendlela embonisayo ukuthi uyamvusa/uyamsiza.

#### NOMA

Ngiyavuma - wayengafuni ukumehlukanisa nesithandwa sakhe ayezimisele ukushada naso. (2)


(Nokunye okungavela)

- 4.12
- Ubaba kaTholi ememeza esontweni efuna ilobolo.
  - Ukugulukudela kwamaphoyisa khona esontweni efika ezobopha umakoti.
  - Ukusizwa kukaBhekani nguLindiwe esele yedwa esontweni.
  - Ukungamiswa komshado uBhatomu/uLindiwe.
- (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (3)

- 4.13 Yiqiniso - wagula walala esibhedlela odokotela bathola ukuthi uguliswa ukudla izidakamizwa. (2)
- Nomama kaBheki wathi ababonayo bamtshela ukuthi umakoti uzoguliswa ukudla izidakamizwa.
- UBheki wababona ngefasitela bezijova.

- 4.14 4.14.1 D – Wayenengane noBheki. (1)
- 4.14.2 E – Unguthisha. (1)
- 4.14.3 B – Udayisa izidakamizwa. (1)

Akuvumelekile ukukupisha leli phepha



*FMK MM*

4.14.4 A – Wayefuna ukungena uTholakele. (1)

4.14.5 C – Wemukela imali yelobolo likaTholi. (1)  
[35]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

**ISIQEPHU B: UMDLALO**

**UMBUZO 5: ISIKO NELUNGELO – N Zulu**

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- Kulo mdlalo uThenjiwe uvezwe njengomlingiswa, okunguyena obhekene nenkinga yokuthi uyaphoqelelwa ukuthi angenwe umfowabo womkhwenyana wakhe osewashona.
- Ukuvezwa kukaThenjiwe njengomlingiswa okumele adele ezakhe izifiso zokuzikhethela indlela afisa ukuphila ngayo impilo yakhe njengoba esengumfelokazi, kuyiqhakambisa kahle hle indikimba yalo mdlalo okungukuhlukunyezwa kwamalungelo abantu besifazane.
- Kulo mdlalo isiko livezwe njengeyona nto esetshenziswa kakhulu ukucindezela abantu besifazane, ikakhulu labo abasuke befuna ukuvikelwa.
- Lapha isiko lisetshenziswe ukufeza izinhloso ezikhombisa umona nokuzicabangela wena wedwa. Lokhu kugqame kakhulu lapho yomibili imindeni, owakwaZungu nowakwaMondise bezicabangela bona ngaphandle kokucabanga ngobuhlungu obuzwiwa nguThenjiwe kanye nezifiso zakhe.
- Okunye okugqanyisiwe kulo mdlalo ukuthi abantu abasebenzisa isiko ukucindezela abanye, abanye besifazane.
- Eseyenze yonke imizamo uThenjiwe uzithola esegcina ephoqeleka ukuthi avume ukugcina isiko. Nakhona akavumi ngoba ethanda uyacindezelwa (blackmail). AbakwaZungu bathi uma engavumi ukungenwa uDumisani bazombophisa bambeke icala lokuzama ukubulala emuva kokuthi ezame ukufakela uDumisani ushevu etiyeni lakhe.
- Indikimba yalo mdlalo iqhakambiseka kakhulu lapho ngisho nomthetho ususetshenziswa ukucindezela uThenjiwe. Kuboshwa umngani wakhe uSipho, ubekwa amacala angesilona iqiniso. Ngaphezu kwalokho kubekwa imibandela yokuthi uyophuma ejele mhla uThenjiwe evuma ukugana uDumisani.
- Okubuhlungu kakhulu ngokuhlukunyezwa kukaThenjiwe ukuthi kuwo wonke amalungu omndeni wakhe munye kuphela umuntu omesekayo, lowo ngudadewabo uNondumiso. Bonke abanye abekade ethembe ukuthi bazozwelana naye bayamlahla ngenxa yokusaba ukwenza okuphambene nesiko.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)


**NOMA**

**UMBUZO 6: ISIKO NELUNGELO – N Zulu**

- 6.1 UGugu. (1)
- 6.2 Ilungelo lokuzikhethela ukuthi wayefuna ukuyiphila kanjani impilo yakhe emva kokushona komkhwenyana wakhe. (1)
- 6.3 Ilobolo/ukugana.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Pheqa ikhasi



[35]

(1)

(1)

*Handwritten signature: G.W. Fomic MM*

- Ukuzila.  
Ukungenwa/ukungena (3)
- 6.4 UNondumiso. (1)
- 6.5 6.5.1 Nenkosana. (1)  
6.5.2 Babengakabi nabantwana. (1)  
6.5.3 NguMaMbatha. (1)  
6.5.4 NguThabi. (1)  
6.5.5 USipho. (1)
- 6.6 6.6.1 Ukuzila-ukugqoka izingubo ezimnyama ukukhombisa ukuthi ushonelwe. (2)  
6.6.2 Ukunonophala- ukukhuluphala/ukubukeka wondlekile okukhombisa ukuphatheka kahle/ ukugcwala (2)
- 6.7 OKUBILI kwalokhu  
  - Abantu babehamba ngezinyawo, kanti nezinto zokuhamba zazingeziningi.
  - Kusagcinwa amasiko.
  - Umakoti usahlala nabasemzini wakhe.
  - Amakhosikazi amaningi awasebenzi.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)
- 6.8 OKUBILI kwalokhu  
  - Waphoqa uThenjiwe ukuthi agane uDumisani, wayengamzwele ngobuhlungu bokushonelwa ngumkhwenyana.
  - Waphoqa uDumisani ukuthi angene uThenjiwe nakuba ayenomama wengane. Wayengenandaba nokuthi umama wengane uzokwenzenjani, uma nje kwakufezeke isifiso sakhe ngoThenjiwe kwakwanele.
  - Waqambela uSipho amanga wathi usukele uDumisani wamgwaza ngoba eqomene noThenjiwe. Waphinda wenza isiqiniseko sokuthi bungenzeki ubulungiswa uma sekuqulwa icala.
  - Wesabisa umyeni wakhe uZungu ngokuthi amadlozi azoxabana naye uma engadedela uThenjiwe ahambe.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)
- 6.9 Wafaka ushevu etiyeni elalizophuzwa nguDumisani kanti uThabi uyambona wexwayisa umfowabo ukuthi angaliphuzi. Base besebenzisa lokho ukumcinezela ukuthi avume ukumgana. Uma enqaba bamsabisa ngokuthi bazombophisa (2)
- 6.10 OKUKODWA kwalokhu  
  - Wayekhathazekile ngesikhathi uThenjiwe ehambe wangasho ukuthi uyaphi.
  - Ekuqaleni wayengafuni ukuthi uDumisani angene uThenjiwe ngoba ethi wayengamethembi ukuthi uzokwazi ukumphatha kahle.
  - Wayethi akafuni uThenjiwe ahlukunyezwe noma aphaatheke kabi ngoba wayesenobuhlungu bokushonelwa yindoda.
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (1)
- 6.11  
  - Ekuqaleni uDumisani wayengafuni ukungenwa uThenjiwe kodwa ngoba umama wakhe uMaMbatha wayefuna amngene wagcina enze njalo.

Handwritten signatures and initials: *[Signature]* FMR MM



- Ukungena kwakhe uThenjiwe kwakusho ukuthi kwakumele ashiye umuntu ayesenengane naye ukuze ajabulise abazali bakhe. (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (2)

## 6.12 OKUTHATHU kwalokhu.

- Bangabantu abasahlonipha amasiko. Bakholwa ngukuthi ngoba uThenjiwe walotsholwa kufanele avume ukungenwa nakuba engamthandi uDumisani.
- Bangabantu abalesabayo ihlazo. Babecabanga ukuthi ukushiya kukaThenjiwe emzini abuyele ekhaya kwakuzobahlekisa ngabantu futhi kubaqhathe nabaphansi.
- Abayikhathalele injabulo yendodakazi yabo. Akubakhathazi ukuthi uThenjiwe uzohlala nomuntu angamthandi okuzomenza ahlale engajabule.
- Bazicabangela bona kuphela. Bakhathazeke ngokuthi ukubuya kukaThenjiwe kuzosho ukuthi bona kuzomele babuyisele abakwaZungu ilobolo. Ilobolo yilona elihamba phambili emiqondweni yabo kunehlalakahle yendodakazi yabo.
- Bayehluleka ukuvikela indodakazi yabo. Bakholwa izinto ezishiwo nguMaMbatha kunokunikeza indodakazi yabo ithuba lokuchaza okuyisona sizathu esenze uSipho agwaze uDumisani. (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (3)

## 6.13 OKUTHATHU kwalokhu.

- Uma umuntu wesifazane eseyicabangile futhi eyifuna into angenza noma yini ukuthi iphumelele, njengoba kwenza uMaMbatha. Wayesenqumile ukuthi uThenjiwe uzongenwa futhi wayezimisele ukwenza noma yini ukuphumelelisa inhloso yakhe.
- Abanye abantu besifazane bayithanda kakhulu imindeni yabo kangangoba bangenza noma yini ukuyigcina indawonye noma ngabe lokho kusho ukuhlukumeza omunye umuntu.
- Abantu abacindezela abanye abantu besifazane, yibo abesifazane. Nakuba amasiko evuna amadoda kodwa abantu abawasebenzisa ukuqindezela abanye yibo abesifazane.
- Amanye amasiko adinga ukubuyikezwa ngoba awasahambisani nesimo senhlalo samanje.
- Ezobulungiswa zalapha eNingizimu Afrika (justice system) azikabi sezingeni lokwenza isiqiniseko sokuthi amalungelo ezakhamizi avikeleke ngokufanayo (Isibonelo: indlela okwaqulwa ngayo icala likaSipho).
- Uma ungumzali kufanele uyeseke ingane yakho futhi uyilalele ukuthi ifunani ngempilo yayo. Ungabeki ezakho izidingo phambili, njengoba kwenza uMondise. (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (3)

## 6.14 Iqiniso.

- UMaMbatha wayemehlula uZungu. Ngesikhathi bekhuluma udaba lukaThenjiwe, uZungu wayengafuni ukuthi uThenjiwe angenwe uDumisani futhi wayenezizathu ezizwakalayo ayezibeka, kodwa uMaMbatha wakwazi ukuthi amshintshe umqondo agcine naye esebona kufanele ukuthi uThenjiwe angavunyelwa ukubuyela kubo kodwa agane uDumisani. (2)

## 6.15 • Ingwijikhwebu etholakala kulo mdlalo ukuthi izifiso zikaMaMbatha


Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Pheqa ikhasi

FMK  
  
 MM

zokungenwa kukaThenjiwe nguDumisani zagcina ziphumelele ngenkani.

- Nakuba umdlalo uphela sekuzwakala sengathi uThenjiwe ujabulile ngokushada uDumisani, leso akubanga isinqumo asithatha ngoba emthanda.
- Waphoqwa ukuthi abakwaZungu babemesabisa ngokuthi bazombophisa ngokuzama kwakhe ukubulala uDumisani. Ngaleyo ndlela wazithola ephoqeka ukuthi ashade naye.



(3)  
[35]

### NOMA

#### UMBUZO 7: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

#### UMBANDLWA:

Abafundi balindeleke ukuba baphendule babhekise enkulumweni mpendulwano nasezenzweni zikaMbandlwa noDlamini. Makuvele ukwedelela kwabalingiswa nodweshu olukhona emdlalweni njengalokhu okulandelayo:

- UMbandlwa egqugquzela uDuma ukuthi angayihloniphi inkosi.
- UMbandlwa ekhumbuza uDuma ukuthi bona bazabalaza futhi bakhethwa ngabantu ngakho asikho isidingo sokuthi bakhothame enkosini becela imvume yokuletha intuthuko.
- UMbandlwa ekhuthaza uDuma ukuthi babize omunye umhlangano bengayazisanga inkosi futhi bameme namaphoyisa ukuze aqaphe isimo.
- UMbandlwa etshela uDuma ukuthi angayi esigodlweni senkosi ngesikhathi inkosi ithumele isigijimi ukuthi sizombiza.

#### UDLAMINI:

- Uqgugquzela inkosi ukuthi noma ngabe uDuma uyafika ukuzocela imvume inkosi ingamniki.
- Uhlasele uMbandlwa noDuma lokhu kuqhubezela phambili ukushuba kwesimo phakathi kukaDuma nenkosi uShandu.
- Lokhu kuholela ekutheni aboshwe. Inkosi izithola sekufanele ikhokhe imali yebheyili.
- Lokhu kuqhubezela phambili inzondo phakathi kukaDuma nenkosi uShandu.
- Uthi lo msebenzi onikwa uDuma naye angawenza futhi ukhombisa ukuthi iyamdina le nto yokuthi uDuma uyahola yena akaholi.
- Uzama ukushintsha umqondo wenkosi lapho imtshela ukuthi icabanga ukubiza uDuma izoxoxisana naye.
- Uthi isenzo esinjalo singadala ukuthi uDuma acabange ukuthi inkosi iyazehlisa kuyena.

#### UKUPHUMELELA KWENDIKIMBA:

- Iqhaza elibanjwa yilaba balingiswa ababili liyalukhulisa udweshu phakathi kwembali nommeleli.
- Nakuba bekucabanga ukuthi baxoxisane imibono abayinikwa amashoshozela angoDuma noDlamini ayawashabalalisa amathemba okubuyisana. Lokhu kubhebhethekisa inzondo egcina ithinta umphakathi wonke, isizwe sigcine seshlukene phakathi kubangwa amandla okuphatha.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha


Pheqa ikhasi

M M

**NOMA**

**UMBUZO 8: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

- 8.1 Basemzini kaDuma/weKhansela/endlini yokuphumula. (1)
- 8.2 UDuma yikhansela kanti uMbandlwa yena ngunobhala wekhansela. (2)
- 8.3 KuKwaMashu/kukwaShezi. (1)
- 8.4 Ugesi, amanzi netiyela emgwaqweni. (3)
- 8.5 Le ndunyana iyagcwaneka madoda! (2)
- 8.6 Cha, ngoba kuyashiwo esiqeshini ukuthi abaholelwa ngobuduna babo. (2)
- 8.7 8.7.1 Akunamuntu oke wakhuluma ngesikhathi kukhuluma induna/ akekho oyiphikisile induna ngesikhathi ikhuluma. (2)
- 8.7.2 Abafanyana abenze ukuthi uDuma angesabi. (2)
- 8.7.3 Kusho ukuthi oDlamini badukisa inkosi noma abayitsheli into okuyiyona okufanele iyenze noma ingayenzi. (2)
- 8.8 Wayeyocela uxolo enkosini. (1)
- 8.9 OKUBILI kwalokhu. (2)
- Ukushaywa kukaMbandlwa noDuma esikoleni.
  - Abafana abadlula besabisa uMaShezi.
  - Ukubulawa kukaMbandlwa.
  - Ukushiswa komuzi kaDlamini.
- (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)
- 8.10 OKUTHATHU kwalokhu. (4)
- Iqiniso.
- Uyasho ukuthi yena wakhethwa ngabantu ngakho-ke kuyokhala esakhe isicathulo endaweni.
  - Wabamba umhlangano ngaphandle kwemvume yenkosi.
  - Wathi inkosi ime endleleni yentuthuko.
  - Watshela unogada owayethunywe yinkosi ukuthi ayitshela ukuthi angeke eze kuyo.
  - Wabiza inkosi ngenkosana.
  - Uthi inkosi ayithi shu.
- (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)
- 8.11
- Ukuthi umuntu akothatha iziyalo kwabanye abantu. UDuma wayengazithathi iziyalo kuMaShezi okwenza ukuthi amshiye.
  - Umuntu kufanele ahloniphe abakhulu noma abamphethe endaweni. UDuma noMbandlwa babengayihloniphi inkosi okwenza ukuthi kubheduke udlame endaweni.



*FM* *FMK* *MM*

- Kubalulekile ukukhetha abantu othatha kubo iziyalo. UDuma wayelokhu elalela uMbandlwa embhedisa okwabulalisa abantu.  
(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (3)

## 8.12 OKUTHATHU kwalokhu:

- UDuma waya esibhedlela ukuyocela uxolo enkosini ngemuva kokubulawa kukaMbandlwa noDlamini ebesingakulindele.
- Inkosi nayo yamxolela.
- Kwaba nokuthula isizwe sahlangu.
- Yanikeza uDuma indlu azosebenzela kuyo ngaphakathi emzini wayo.
- Yamxwayisa uDuma ukuthi aqaphele ukuthi usebenzisana nabantu abanjani.

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)

(3)

8.13 8.13.1 C – Uyimbangi kulo mdlalo. (1)


8.13.2 E – Inkosikazi kaDuma. (1)

8.13.3 D – Umfundisi owayebambe umhlangano. (1)

8.13.4 A – Umqhathi. (1)

8.13.5 B – Wafundela ukuba nguthishela. (1)

[35]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35****ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE****IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)****UMBUZO 9: IMFIHLO KAMAKOTI – MT Mkhize**


Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- URoy wayedinga unkosikazi emva kokwahlukanisa nomkakhe ngoba wayehlala nonina owayengaphilile kahle.
- Wahlangana noRebecca wamgibeza etekisini ayelishayela.
- URebecca wathi usebenza elondolo uRoy wase emnika ibhantshi lakhe ukuthi liyowashwa ngenhloso yokuthi kube lula ukuthi baphinde babonane ngoba uRoy nakuba ayeqala ukumbona uRebecca wamthanda.
- URebecca watshela uRoy ukuthi kubo amantombazane awalotsholwa okwaba yinto eyahlala engqondweni yakhe njengoba ayengenamali.
- Kungesikhathi esezolanda ibhantshi lapho ahlangubezana nenkinga
- UMaMkhwanazi wamkhombisa ithuna likaRebecca lapho bathola khona ibhantshi likaRoy ligaxwe phezu kwalo ithuna.
- Ngentambama URoy abonana ngayo noMaMkhwanazi waphinde wahlangana naye futhi uRebecca wamtshela ukuthi yena akasaphili kuleli.
- Wamtshela ukuthi aqhwande emhlabathini lapho athola khona isikhwama esasinezizumbulu zemali engamaphepha.
- Wamxoxela ukuthi le mali iyona eyamdalela inkinga yalahlwa abantu ababebambe inkunzi esiteshini sakwaloliwe ababegijinyiswa amaphoyisa.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Pheqa ikhasi

- Yile mali eyayenza umphefumulo kaRebecca ungakutholi ukuphumula
  - Wathi uRoy athathe le mali ayisebenzise ngendlela eyayizoba nenzuzo ebese emakhela umuzi oyisitezi lapho ayezomkhumbula khona njalo njengomakoti wakhe.
  - Wathi unina anganikwa lutho ngoba wayemxosha uma efika kuyena efuna ukumtshela ngayo.
  - Wathi le mali ngeyakhe kuphela njengomkhwenyana wakhe.
  - Uma efuna izinto zimhambele kahle angalokothi ahlale nomunye umakoti kulowo muzi ngoba wayezomvakashela njalo.
  - Uma wayezophula isivumelwano sabo wawuzoshabalala wonke lo mcebo kanye nempilo yakhe.
- (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)



### NOMA

#### UMBUZO 10: USIHAWU NESIHAWU – NE Mbesa

- 10.1 Wayekhaliwa ukuthi udlwengulwe iNdiya ayelisebenzela. (2)
- 10.2 Wafundela ezokufuya. (1)
- 10.3 Kwamalume wakhe eyocela indawo yokukhosela aze athole umsebenzi. (2)
- 10.4
- |        |          |     |
|--------|----------|-----|
| 10.4.1 | Ngcolosi | (1) |
| 10.4.2 | USihawu  | (1) |
| 10.4.3 | Cwaka    | (1) |
- 10.5 Wayekushiso ukuthi unqotshwe inkanuko nentukuthelo wabamba uBathobile ngenkani. (2)
- 10.6 Uyise kwathi lapho ephangalala wathi ifa lakhe liyothathwa yindodana eyothola indlalifa phakathi kwakhe noZitha. (2)
- 10.7
- Uma umfana ephathwa uzagiga esakhula. (1)
  - Izifo zamasoka. (1)
  - Ukhondolo. (1)
- 10.8 Izinyembezi eziphuma kakhulu zigeleze. (2)
- 10.9 Izalukazi zazithi umnewabo womveni wakho akuphelezele lapho uyotheza uma umveni wakho engazali. (2)
- 10.10
- Washonelwa ngabazali. (1)
  - Wadlwengulwa yiNdiya ayelisebenzela. (1)
  - Wadlwengulwa nguSihawu. (1)
- 10.11 Uma ezomtshela ukuthi useyogana ebukhosini/Usezoza nengcebo lapha ekhaya. (2)
- 10.12 Wathola amawele amathathu lokho okwamenza ukuba ahlale esihlalweni sobukhosi ngoba esenendlalifa. (2)

- 10.13 Imfihlo - wayazi ukuthi izingane zikaBathobile akuzona ezakhe/indlela ahlangu ngayo noBathobile. Ukuvela kwale mfihlo kwakuzomenza alahlekelwe isikhundla sobukhosi. (3)
- 10.14 Yebo siyahambelana – USihawu waqhutshwa inkanuko waphinde waba nesihawu lapho ethola ukuthi uBathobile akanabo abazali wase efuna ukuthi abe ngunkosikazi wakhe. (Nokunye okuyiphuzu okuzoshiwo) (2)
- 10.15 Umbono UZwakele njengodokotela kwakufanele agcine imfihlo yesiguli esasinguSihawu kodwa yena wayixoxela unina leyo mfihlo. (2)
- 10.16 OKUBILI kwalokhu.
- UBathobile ugcina esebelethele uSihawu amawele amathathu okungamantombazane amabili nomfana ababenezinwele eziphothene zithe ukwehluka.
  - Ekugcineni uBathobile ugcina esengundlunkulu kaSihawu kanti wayekhule ehlupheka.
  - Indlela abahlangu ngayo akuyona indlela abantu abagcina beshadile abahlangu ngayo. Akujwayelekile ukuthi umuntu oshada naye kube ngumuntu owaqala ngokukudlwengula. (2)
- (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)

[35]


AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO: EJ Mhlanga no JJ Thwala

## UMBUZO 11: Kwamfaz' Ongemama – FF Mbatha

- 11.1 Umamezala/umama ongenalo uzwelo. (1)
- 11.2 UMdali. (1)
- 11.3 Ngidele.....  
Ngidel'.....  
  
Noma  
  
Ngadel'.....  
Ngadela .....
- 11.4 Ilirikhi. (1)
- 11.5 Nokho **lolu thando** luyithumbil' eyami,  
**Lolu thando** lungishay' indali emajukujukwini, (2)
- 11.6 11.6.1 Ukubamba umuntu ngenkani angabi nayo inkululeko yokwenza akuthandayo. Kule nkondlo ukuthumba kusho umuntu obanjwe wuthando kakhulu. Uyazi ukuthi lolu thando lwakhe luzomziswa



Akuvumelekile ukukupisha leli phepha

Pheqa ikhasi


*EJ* *FMK* *MM*

- ubuhlungu obukhulu kodwa uzimisele ukubekezelela lobo buhlungu. (2)
- 11.6.2 Ukuzehlisa/ukuhlonipha/ukulalela. (2)
- 11.6.3 Ukugula kakhulu. (2)
- 11.7 Kwamfaz' Ongemama. (1½)
- 11.8
- Le nkondlo ikhuluma ngentombazane eshiya ikhaya layo iya koshada. Ihamba nje iyazi ukuthi lapho iya khona ayizuphatheka kahle. Kodwa ngenxa yokuthi ithunjwe wuthando iyaqhubeka.
  - Njengoba iya koshada nje iyazi ukuthi umamezala wayo uzoyiphatha kabi, ithi uzoyethuka ngezinhamba, angayinaki nalapho igula.
  - Ithi izimisele ukubekezelela konke lokhu ngoba vele emendweni kunzima.
- (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (3)
- [17½]**

### NOMA

#### UMBUZO 12: Ungumzali Onjani – DA Hlophe

- 12.1 Ngumzali ongazinakekeli izingane zakhe/ngumzali ongenzi izinto ezijwayelekile ezenziwa abazali abazinakekelayo izingane zabo. (1)
- 12.2 OKUBILI kwalokhu.
- Akafuni ukunika izingane zakhe izikhali zempilo.
  - Uyazilahla izingane zakhe, akazazi nokuthi ziphi.
  - Akasingath' amachwane akhe (akanakekeli izingane zakhe).
  - Akafaki izingane zakhe endleleni eyiyo. (2)
  - Udla yedwa ekhaya kube kulanjiwe.
- 12.3 Izingane zakho. (1)
- 12.4 Ahlabane..... (2)  
Asitshinge.....
- 12.5 12.5.1 Ukudel' igazi lakho-Ukulahla izingane zakho. (2)
- 12.5.2 Ukuhlala unethezeke-Ukuhlala ukhululeke ungakhathazeki nakuba kufanele ngabe ukhathazekile. (2)
- 12.6 Ilirikhi. (1)
- 12.7 Ungumzali' Onjani. (1½)
- 12.8 Isingathekiso. (2)
- 12.9
- Le nkondlo ikhuluma ngomzali ongawenzi umsebenzi wakhe wokuba ngumzali.
  - Lo mzali uthola izingane angazinakekeli zikhale ezintabeni. Aphinde angazifundisi indlela eyiyo yokuziphatha.




*gmb* *Fmk* *MM*

- Lo mzali unenhliziyi embi, akazikhathaleli izingane zakhe udla yedwa ekhaya kube kulanjiwe. (3)
- (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)

[17½]

**NOMA****UMBUZO 13: Ngiyogiya Ngiqephuze – NL Luthuli**

- 13.1 Iyobe yenziwa ukujabula ngoba isiphumelele emuva kweminyaka eminingi iyihamba le ndlela yemfundo. (2)
- 13.2 13.2.1 Ukukikiza. (1)
- 13.2.2 Luthuli. (1)
- 13.3 13.3.1 Uyothinta amagama angathintwa/Uyokhuluma ngamagama okungakhulunywa ngawo. (2)
- 13.3.2 Lifundiswe uShandu esikoleni/esikhungweni semfundo ephakeme lapho efundisa khona. (2)
- 13.3.3 Ukuze akhuphuke/akhwele/akwazi ukuphumelela ezinkingeni anazo. (2)
- 13.4 **Sengiphumelel'**.....  
**Nezinhloso**.....  
**Senginqwanjisiwe**..... (1½)
- 13.5 Ukuxhumana siqalo:  
 Ngiyogiya.....  
 Ngigiye.....
- Noma**
- Besho .....  
 Usho ..... (3)



*JM* Fmk MM



- 13.6
- Ikhuluma ngenjabulo imbongi eyoba nayo uma isithole iminyezane ngemuva kokufunda iminyaka.
  - Iyoze ibonge nalabo abayisize ukuze ifinyelele empumelelweni.
  - Okuyonanelwa ngisho nangabantu besifazane (omame nezalukazi) ngokukikizela.
- (Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi)

(3)  
[17½]

**NOMA**

**UMBUZO 14: Kuyosala Izibongo – T Qwabe**

- 14.1 UShaka. (1)
- 14.2 Ungudadewabo. (1)
- 14.3 14.3.1 Kusho ukuthi amaqhawe kuyothi esashona kodwa imisebenzi yawo iyolokhu imile njalo. (2)
- 14.3.2 Kusho ukuthi lawa mabutho ayethi uma eseyibambile impi angabe esaphumula/angabe esayeka ukulwa. (2)
- 14.3.3 Kusho ukuthi namatshe azokhuluma asho lokho okwakwenzeka ngezikhathi esezadlula (zakudala) ngoba ayekhona. (2)

- 14.4 Imvumelwano siqalo:  
Zibhukuda.....  
Zibanga.....

**NOMA**

- Imvumelwano sigcino:  
.....ezibulalayo.  
.....ezibulalayo. (1½)

- 14.5 Ezandleni ebambe amahawu, amaqhabanga namaklwa. (2)

- 14.6
- Lesi sigaba sinesigqi esinensayo ngenxa yezimpawu zokuloba ezitholakala khona.
  - Lesi sigqi sisiza ekukhipheni kahle umqondo wokuthi lezi zinsizwa zazilwa nje zazihamba ezindaweni ezinezilwane eziyingozi kakhulu nezesabekayo futhi ezibulalayo. (3)

- 14.7 Isifaniso - Sikhombisa ukuthi lawa maqhawe ayeyokulwa nje ngoba ayethukuthele kakhulu futhi echukuluziwe/eqaliwe/esukelwe. (3)  
[17½]

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

*[Handwritten signatures]*

**IRUBRIKHI YOKUMAKA UMBUZO OMUDE WENOVELI KANYE NOMDLALO – ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL) (35)**

Qaphela kunomehluko phakathi kwamamaki okuqkethwe kanye nawesakhiwo nolimi.

<b>AMAKHODI NOKWABIWA KWAMAMAKI</b>		<b>OKUQKETHWE (25)</b>		<b>ISAKHIWO KANYE NOLIMI (10)</b>	
Ukhumusha isihloko. Ukuqina kwamaphuzu ukwesekela okuzwakalayo kanye nolwazi lwencwadi		Ukhumusha isihloko. Ukuqina kwamaphuzu ukwesekela okuzwakalayo kanye nolwazi lwencwadi		Isakhiwo, ukugeleza kwamaphuzu kanye nokwethulwa Ulimi, iphimbo kanye nesitayela esisetsheziwe.	
Ikhodi 7 80-100%	Kuhle kakhulu 20-25 Amamaki	*isihloko sihunyushwe kabanzi *izimpendulo ezimhle kakhulu-90%+ 80-89% *amaphuzu amahle kakhulu asekelwe kabanzi Ngokucaphuna enwadini. * u7kuhliza kanye nencwadi ukuqonda kahle kakhulu.	*isihloko sihunyushwe kabanzi *izimpendulo ezimhle kakhulu-90%+ 80-89% *amaphuzu amahle kakhulu asekelwe kabanzi Ngokucaphuna enwadini. * u7kuhliza kanye nencwadi ukuqonda kahle kakhulu.	Kuhle kakhulu 8-10 Amamaki	*isakhiwo esihlekele kahle kakhulu *isingeniso nesiphetho esihle kakhulu *amaphuzu ahleleke kahle kahle kakhulu futhi Ayalandelana *ulimi, iphimbo kanye nrsitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhloeni.
Ikhodi 6 70-79%	Kuhle impela 17½ - 19 ½ amamaki	*isihloko sihunyushwe kahle impela amaphuzu adingekayo abalulwe kahle impela. *amaphuzu akhe asabatele *amaphuzu azwakalayo ethuliwe futhi asekelwa Kahle ngokucaphuna encwadini. *ukuqonda kahle ukuhliza kanye nencwadi.	*isihloko sihunyushwe kahle impela amaphuzu adingekayo abalulwe kahle impela. *amaphuzu akhe asabatele *amaphuzu azwakalayo ethuliwe futhi asekelwa Kahle ngokucaphuna encwadini. *ukuqonda kahle ukuhliza kanye nencwadi.	Kuhle impela 7-7½ amamaki	*amaphuzu ahleleke kahle *isingeniso kanye nesiphetho esihle. *amaphuzu ayezwakala futhi ayalandeleka *ulimi, iphimbo kanye nesitayela kushaya emhloweni futhi kuayifeza inhloso *amaphuzu ethulwe kahle.
Ikhodi 5 60-69%	Kuhle 15 - 17 amamaki	*uyakhombisa ukusiqonda isihloko futhi usihumushe kahle *uzamile ukwenamaba ngamaphuzu *amanye amaphuzu azwakalayo abaluliwe kodwa awasekelwanga onke ngendlela eimidelekile. *kuyakhombisa ukuthi uyakwazi ukuhliza kanye nencwadi.	*uyakhombisa ukusiqonda isihloko futhi usihumushe kahle *uzamile ukwenamaba ngamaphuzu *amanye amaphuzu azwakalayo abaluliwe kodwa awasekelwanga onke ngendlela eimidelekile. *kuyakhombisa ukuthi uyakwazi ukuhliza kanye nencwadi.	Kuhle 6-6½ amamaki	*isakhiwo esihlekele kahle, amaphuzu ayageleza futhi alandelana kahle *isingeniso, isiphetho kanye nezigaba kuhlilekile *kuyabonakala ukugeleza kwamaphuzu Ulimi, iphimbo kanye nesitayela kushaya emhloeni
Ikhodi 4 50-59%	Kuyagculisa 12 ½ - 14 ½ amamaki	*isihloko usihlaziye ngokugculisayo nokho amaphuzu akawathintanga wonke *akhobna amaphuzu amahle asekelwa isihloko *amaphuzu amaningi asekelwe kepha akugculisi *Unalo ulwazi nje lokuhliza kanye nencwadi.	*isihloko usihlaziye ngokugculisayo nokho amaphuzu akawathintanga wonke *akhobna amaphuzu amahle asekelwa isihloko *amaphuzu amaningi asekelwe kepha akugculisi *Unalo ulwazi nje lokuhliza kanye nencwadi.	Kuyagculisa 5-5½ amamaki	*kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo *amaphuzu awagelezi futhi awahlelekele * kusenamaphuthana olimi, iphimbo kanye nesitayela kusetsheziwe kahle. *izigaba eziningi zihleleke kahle
Ikhodi 3 40-49%	Kusendimeni 10 - 12 amamaki	*izimpendulo ezisendimeni *ulwazi oluncane lokuhlaziya isihloko *amaphuzu awagculisi futhi awasekelwe ngencwadi *akanalo ulwazi lokuhliza kanye nolwazi lwencwadi	*izimpendulo ezisendimeni *ulwazi oluncane lokuhlaziya isihloko *amaphuzu awagculisi futhi awasekelwe ngencwadi *akanalo ulwazi lokuhliza kanye nolwazi lwencwadi	Kusendimeni 4-4½ Amamaki	*isakhiwo sikhombisa ukungahleleki *kusenamaphutha olimi, iphimbo nesitayela akuhambelani nemigomo yombhalo izigaba zinamaphutha
Ikhodi 2 30-39%	Akugculisi kahle 7 ½ - 9 ½ amamaki	*isihloko akasazi *uphindaphinda izimpendulo kwesinye isikhathi Uyaphaphalaza *izimpendulo ezikha phezulu, akakwazi ukuhumusha futhi akesekeleli ngokuthatha encwadini Ukuhliza kanye nolwazi lwencwadi akugculisi	*isihloko akasazi *uphindaphinda izimpendulo kwesinye isikhathi Uyaphaphalaza *izimpendulo ezikha phezulu, akakwazi ukuhumusha futhi akesekeleli ngokuthatha encwadini Ukuhliza kanye nolwazi lwencwadi akugculisi	Akugculisi kahle 3-3½	Ukwethula okuphuphile, amaphuzu awahlelekele okwenza impendulo engagelezi *ulimi lunamaphutha amaningi okwenza kube umbhalo omubi *izigaba nazo zinamaphutha.
Ikhodi 1 0-29%	Akugculisi neze 0-7 amamaki	*amaphuzu abhaliwe kepha kubzima ukuwalandelana ngoba Awahambelani *izimpendulo eziphuphile impela nalawo maphuzwana abaluliwe awasekelwe nhlobo *Akakwazi ukuhliza kamfi futhi nencwadi akayazi.	*amaphuzu abhaliwe kepha kubzima ukuwalandelana ngoba Awahambelani *izimpendulo eziphuphile impela nalawo maphuzwana abaluliwe awasekelwe nhlobo *Akakwazi ukuhliza kamfi futhi nencwadi akayazi.	Akugculisi neze 0-2½ amamaki	*umbuzo akawuphendulanga *isakhiwo asihleketile futhi asiniki umqondo *ulimi olubi, isitayela nephimbo okungashayi emhloeni *akukho ukulandelana kwezigaba

DEPARTMENT OF EDUCATION  
2012-11-02  
PRIVACY X 110  
PUBLIC EXAMINATIONS

Fink [Signature]



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **NATIONAL SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**NOVEMBA 2012**

**AMAMAKI: 70**

**ISIKHATHI: amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi angama-20.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
2. Bheka kokuqokethwe uphawule izinombolo zemibuzo ebhekiswe emsebenzini owufunde phakathi nonyaka.
3. I-eseyi yakho yemibhalo kumele ibe ngamagama aphakathi kwayi-190 kuya kwangama-240.
4. Emibuzweni emifishane, uzoholwa imiklomelo enikezwe emibuzweni ukuthi impendulo yakho kufanele ibe yinde kangakanani.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
6. Bhala ngesandla esibonakalayo nesifundekayo.
7. Qala ISIQEPHU NESIQEPHU ekhasini ELISHA.
8. Kulindeleke ukuba uphendule imibuzo EMIBILI kunoma yiziphi izincwadi ezimbili. Ungathathi imibuzo emibili encwadini eyodwa.
9. QAPHELA: Uma ukhetha ISIQEPHU D phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI.

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula.

<b>ISIQEPHU A: INOVELI</b>			
<b>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA.</b>			
<b>IZINOMBOLO ZEMIBUZO</b>	<b>IMIBUZO</b>	<b>AMAMAKI</b>	<b>IKHASI</b>
1. <i>Kusinda Kwehlela Endodeni</i>	Umbuzo omude	35	4
2. <i>Kusinda Kwehlela Endodeni</i>	Umbuzo omfishane	35	4
3. <i>Umshado</i>	Umbuzo omude	35	6
4. <i>Umshado</i>	Umbuzo omfishane	35	6
<b>ISIQEPHU B: UMDLALO</b>			
<b>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA.</b>			
5. <i>Isiko Nelungelo</i>	Umbuzo omude	35	8
6. <i>Isiko Nelungelo</i>	Umbuzo omfishane	35	8
7. <i>Ababulali Benyathi</i>	Umbuzo omude	35	11
8. <i>Ababulali Benyathi</i>	Umbuzo omfishane	35	11
<b>ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE</b>			
<b>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA.</b>			
9. Imfihlo Kamakoti	Umbuzo omude	35	13
10. USihawu Nesihawu	Umbuzo omfishane	35	13
<b>ISIQEPHU D: IZINKONDLO</b>			
<b>Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI.</b>			
11. KwaMfaz' Ongemama	Umbuzo omfishane	17½	15
12. Ungumzali Onjani	Umbuzo omfishane	17½	17
13. Ngiyogiya Ngiqephuze	Umbuzo omfishane	17½	18
14. Kuyosala Izibongo	Umbuzo omfishane	17½	19

**ISIQEPHU A: INOVELI**

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**UMBUSO 1: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu**

UManyoba uvezwe njengomlingiswa oqavile kuleli noveli. Chaza ukuthi ubuqotho bakhe nokuba yisibonelo esihle emphakathini buyiphumelelisa kanjani indikimba yaleli noveli.

**[35]****NOMA****UMBUSO 2: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

"Ngathini kuwena ngale ngane ifika ebusuku kakhulu ngoMgqibelo na?"  
 Angishongo kuwe ukuthi khuluma nayo na? Angithi wena lo kuthangi ngikubuzwa ukuthi usukhulumile nayo, wathi yebo?" Esho ngokufutheka uyise wentombazane.  
 "Ngakhuluma nale ngane. Ngakhuluma nayo kabanzi ngokubuya ebusuku kakhulu, yangethembisa ukuthi isizobuya lingakashayi ihora leshumi."  
 "Pho manje ngabe alikashayi ihora leshumi na? Uthi uyabona nje ukuthi kuyasa manje ayibuyile le ngane? Kwazi bani ukuthi ayilimele la ikhona? Mina ngibona kufanele sishaye amaphoyisa siyibike manje le ndaba, sengiyesaba." Asho ehla enyuka lapha endlini.  
 "Cha baba! Mina ngithi ake sime kancane ukubikela amaphoyisa le ndaba. Ake silinde lize ligamanxe leli hora. Uma engafiki siwabikele amaphoyisa."  
 "Kulungile, ukuthi lokhu kuyathusa. Asikaze sikubone kwenzeka. Kuzofanele siyidonse ngazo zombili izindlebe le ngane. Uma isafuna ukuhamba kuzofanele ishintshe unyawo."  
 "Phela baba ingane yentombazane ingeke ihlale ingahambi nontanga bayo, iyomthola kanjani umlingani wayo na?"  
 "Mina ngibona ukuthi kufanele simyale kahle. Sihlale naye phansi singajahile futhi singamthethisi. Ingane ethethiswa njalo, igcina isingenandaba nokona ngoba yazi ukuthi uma isithethisiwe sekulungile, bese iphinde yone futhi."  
 Ngesikhathi besaxoxa bezwe ukuduma kwemoto ima. Balindele ukuthi iyangena intombazane, lutho. Kudlule eside isikhathi, lutho ukungena ingane. Baxakeke ukuthi kanti bekungeyona yini imoto leyo na. Kuphinde kubangwe lapha endlini. Umbango uvuswa ukuthi inkosikazi ithi indoda ayihambe iyobheka ukuthi ingane isibanjwe yini ukuba ingakhuphuki ize endlini na?

- 2.1 Kukwabani isibongo lapha ekhaya? (1)
- 2.2 Baxatshaniswa yini uFanyana nomkakhe? (2)
- 2.3 Esiqeshini esingenhla caphuna amazwi ashiwo nguFanyana akhombisa ukuthi ucabanga ukuthi kukhona okubi osekuvelele indodakazi yakhe. (2)
- 2.4 Mhla bebuya emizini yamadodana abo babezohlangana kuphi oManyoba nomkakhe lapho okwakumele babonane ihora elilodwa ngaphambi kokudlulela emizini yamanye amadodana? (1)

- 2.5 Ngubani owayegade umuzi kaManyoba ngesikhathi yena nonkosikazi wakhe behlala namadodana abo? (1)
- 2.6 Ngaphandle kwaseThekwini naseGoli yiziphi ezinye izindawo ezimbili okwakuhlala kuzo izingane zikaManyoba? (2)
- 2.7 UManyoba wafunda ngasese waze wafika kuliphi ibanga? (1)
- 2.8 Ngesikhathi esebenza eGoli uManyoba wake wagula waze wayohlala ekhaya izinyanga ezintathu elashwa. Bhala ukuthi wayephethwe sifo sini. (1)
- 2.9 Khetha impendulo efanele kubakaki:
- 2.9.1 Igama lendodakazi kaManyoba kwakungu (Thokozani, Thobekile, Mirriam). (1)
- 2.9.2 Unkosikazi kaManyoba kwakungu (MaMkhize, MaDlamini, MaNdlovu). (1)
- 2.9.3 Igama lendodakazi kaFanyana kwakungu (Thembalihle, Thembeni, Thembalethu). (1)
- 2.9.4 Umfundisi owayeshumayela ngelanga lomcimbi kaManyoba kwakungumfundisi (Zama, Zakwe, Zikhali). (1)
- 2.9.5 Izingane zikaManyoba zagcina sezizisola ngezenzo zazo zokuphatha kabi abazali bazo zase zicela (ukuthi azabele ifa lakhe, uxolo, ukuthi angabatsheli abantu ngazokwenza). (1)
- 2.10 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:
- 2.10.1 Ukushintsha unyawo. (2)
- 2.10.2 Ukudonsa umuntu ngendlebe. (2)
- 2.11 Bhala izinto EZIMBILI ezenziwa uManyoba ukuqinisekisa ukuthi amadodana akhe athola ikusasa elingcono kunelakhe. Lezi zinto yizona ezagcina zimenza angakwazi ukubeka imali yokuziphilisa lapho esethathe umhlalaphansi. (2)
- 2.12 Ngabe anabo ubuqiniso yini amazwi ashiwo ngunkosikazi kaFanyana athi: 'Phela baba ingane yentombazane ingeke ihlale ingahambi nontanga yabo, iyomthola kanjani umlingani wayo na?' Sekela impendulo yakho. (3)
- 2.13 Ngamaphuzu AMATHATHU bhala isifundo osithole ngokufunda le noveli. (3)
- 2.14 Ngamaphuzu AMANE chaza uhlelo olwenziwa ngamadodana kaManyoba mayelana nokunakekelwa kwabazali bawo ngesikhathi uManyoba esethathe umhlalaphansi engasakwazi ukuzondla yena nonkosikazi wakhe. (4)
- 2.15 Ngabe yiqiniso noma ngumbono ukuthi amadodana kaManyoba ayewasaba amakhosikazi awo? Sekela impendulo yakho. (3)

**[35]****NOMA**

**UMBUZO 3: UMSHADO – N Zulu**

Xoxa ngobudlelwano obukhona phakathi kwezenzo zomlingiswa onguTholakele kanye nendikimba yale noveli ewubugubengu.

**[35]****NOMA****UMBUZO 4: UMSHADO – N Zulu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

"Uxolo mfowethu ake ungene lapha sixoxe," kusho uBhatomu.  
Abone uBheki ukuthi yingozi enkulu leyo.  
"Anginazi ukuthi ningobani nje nina."  
"Uzobuye usazi." Asho la mazwi aphume aqhashe uBhatomu emotweni eqonde ngqo kuBheki. Abone uBheki ukuthi kubi ahlehle.  
"Ufunani kumkami ndoda?"  
"Ingani wathi indoda yakhe seyashona."  
"Pho umfunani-ke wena engumfelokazi nje?"  
Ethuke eseseduze kukaBhatomu, uBheki. Agqabule ummese omude uBhatomu. Athi uyawushaya esiswini sikaBheki akhwece aze awe uBheki. Abe lapha uBhatomu. Athi uyagwaza futhi ngommese awukhahlele uBheki uwele le ummese. Asheshe awucoshe futhi uBhatomu. Avuke gubhubhu uBheki. Athi uyabaleka akheqwe uBhatomu. Fu phansi futhi uBheki. Azame ukugwaza futhi uBhatomu. Ummese uklebhule iyembe likaBheki osepheqise okwebanda.  
Ziphume izinsizwa ezimbili emotweni. Ziqonde ngqo kuBheki. Abone ukuthi akukho okunye ngaphandle kokucela empunzini. Athathele ngejubane. Alandelise ngamagama uBhatomu:  
"Lalela la mfowethu ngeke uze ushade noTholi ngisekhona. Umshado lowo ngizowumisa nse."  
Aze afike ekhaya uBheki. Abone ukuthi cishe walimala. Azitshela ukuthi usezoshada ngenkani-ke manje noTholi. Isiyamcasula le nto eyenziwa uBhatomu. Axakwe ukuthi usho ukuthini uBhatomu uma ethi uyowuvimba umshado. Sengathi akusiyo into yokuthathwa kancane le. Kuzomele axoxe noTholakele bayisukumele. Acinge unina ukuze amxoxele ngohambo lwakhe.  
"Unjani umakoti?"  
"Usengcono kakhulu."  
"Ubephehwe yini?"  
Abone uBheki ukuthi unina useqonde endabeni yezidakamizwa. Ashintshe umqondo masinyane:  
"Cha bathi bekungumkhuhlane nje."  
"Umkhuhlane?"  
"Yebo mama."  
"Ungadlali ngami wena Bheki. Ubona sengathi ngiyingane yini?"

- 4.1 Ungubani uBhatomu ngokwale ndaba? (1)
- 4.2 Ubani lo uBhatomu ambiza ngomkakhe? (1)
- 4.3 Baxatshaninswa yini oBhatomu noBheki? (2)



- 4.4 Esiqeshini esingenhla caphuna umusho okhombisa ukuthi uBheki wavuka ngokushesha. (2)
- 4.5 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini.
- 4.5.1 Ukugqabula ummese. (2)
- 4.5.2 Ukucela empunzini. (2)
- 4.5.3 Ukuvimba umshado. (2)
- 4.6 Shono ukuthi yini eyenzeka endlini kaBheki eyenza unina wamtshela ukuthi akashweleze (axolise) kuyise. (2)
- 4.7 Ukuhlala kukaTholakele emjondolo kwakwenza kube lula ukuthi enze ubugebengu. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 4.8 Ngokwakho ukucabanga lalichazani iphupho likaBhekani lapho ephupha uyise ehubha/egijimisa intokazi yezingubo ezimnyama. (2)
- 4.9 Ngokwale noveli uTholakele wayegqoke izingubo ezimnyama ngoba eshonelwe yindoda, abanye bathi lokhu kwakuyindlela yokufihla ubugebengu ayebenza. Bhala owakho umbono bese uwesekela. (2)
- 4.10 Leli noveli liveza inhlalo yabantu ephathelene nezamasiko. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 4.11 USifiso wayengumngani kaBhekani weqiniso. Ngabe uyavumelana noma uyaphikisana nalo mbono? Sekela impendulo yakho. (2)
- 4.12 Ngamaphuzu AMATHATHU xoxa ngengwijikhwebu etholakala kule noveli. (3)
- 4.13 Ingabe iqiniso noma umbono ukuthi uTholi wayedla izidakamizwa? Sekela impendulo yakho. (2)
- 4.14 Qondanisa UHLU A NOHLU B.

UHLU A	UHLU B
4.14.1 ULindiwe	A Wayefuna ukungena uTholakele.
4.14.2 USifiso	B Udayisa izidakamizwa.
4.14.3 UPamella	C Wemukela imali yelobolo likaTholi.
4.14.4 UBhatomu	D Wayenengane noBheki.
4.14.5 UZenze	E Unguthisha.

(5 x 1)

(5)  
[35]**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

**ISIQEPHU B: UMDLALO**

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu esilandelayo. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**UMBUZO 5: ISIKO NELUNGELO – N Zulu**

Indlela okusetshenziswa ngayo amasiko igcina isihlukumeza amalungelo abantu besifazane. Chaza ukuthi ukuvezwa komlingiswa onguThenjiwe kuyiphumelelisa kanjani indikimba kulo mdlalo.

**[35]****NOMA****UMBUZO 6: ISIKO NELUNGELO – N Zulu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**(Kusezitolo kuhlanguana uGugu noThenjiwe)**

Gugu: (*Ememeza*) Hawu mngani wami kodwa usucashelani kangaka?

Thenjiwe: (*Egalaza*) Hawu kanti uwena Gugu? Phela wena usuyangizonda manje.

Gugu: Angikuzondi mngani bengithi nawe uyoke uthuke uphuma uzongicinga ngakithi. Kanti wena awukhathali yini ukuhlala ekhaya?

Thenjiwe: Phela mina angihleli ekhaya ngoba ngithanda, ngizilile. Wena ufuna ukungihlanganyela nalolu sisi.

Gugu: Ungathi ngikuhlanganyela nosizi mngani wami. Ziningi kabi izinto ezingibambayo ekhaya. (*Ambuke*) kodwa cishe usuhleli kahle manje ngibona sengathi usunonophele.

Thenjiwe: (*Ehleka*) kodwa kukhona ukunonophala umuntu ezilile. Okokuqala nje indlela yokuya ekhaya ngibona sengathi ayikhanyi.

Gugu: Kahle wena? Mina bengithi bayakuzwela manje abazali bakaSikhumbuzo.

Thenjiwe: Lutho dade. Hhayi, into ababelesele ngayo yiwo amasiko lawo. Uyazi sengizonda ngisho nalowo muntu owadala lelo siko.

Gugu: Konje wathi bathi ukhona umfowabo kaSikhumbuzo?

Thenjiwe: Basho njalo impela. Kodwa okungixakayo ukuthi uDumisani sengathi akayingeni leyo ndaba.

Gugu: Usuke wabonana yini naye?

Thenjiwe: Sesike sabonana ndoda.

Gugu: Uyeshela yini naye?

Thenjiwe: Cha, akayi nangakuya ngalapho. Eqinisweni uye yedwa engibona sengathi angavumelana nokuthi ngiye ekhaya.

Gugu: (*Edonsa umoya*) kwangcono mngani wami. Mina uyena ebengimesaba ngithi uzothi nje wadla ngomashudula wentokazi.

Thenjiwe: (*Ehleka*) Umashudula wani kodwa Gugu?

Gugu: Ha! Ungazenyenzi phela mngani wami. Kanti uthi yini abazali bakaSikhumbuzo bakulandele kangaka bangafuni uhambe.

- 6.1 Bhala igama lomngani kaThenjiwe? (1)
- 6.2 Bhala ilungelo likaThenjiwe okuyilona elalihlukunyezwa abakwaZungu. (1)
- 6.3 Bhala izinhlobo ezintathu zamasiko okukhulunywa ngazo kulo mdlalo. (3)
- 6.4 Kubo bonke abantu ababethinteka enkingeni ayenayo uThenjiwe yokuphoqwa ukuthi agane uDumisani, munye kuphela owayemeseka. Bhala igama lalo muntu. (1)
- 6.5 Khetha impendulo efanele kubakaki:
- 6.5.1 Ekuqaleni uThenjiwe wayeshade (nenkosana, nomagcino, nesihlobo) yakwaZungu. (1)
- 6.5.2 UThenjiwe nomyeni wakhe uSkhumbuzo (babenomntwana oyedwa, babengakabi nabantwana, basebezame behluleka ukuthola abantwana). (1)
- 6.5.3 Okunguyena muntu owaqhamuka nombono wokuthi uThenjiwe akangavunyelwa ukubuyela ekhaya emuva kokushonelwa ngumkhwenyana ngu (Mnunumzane Zungu, nguMaMbatha, nguDumisani). (1)
- 6.5.4 Igama lendodakazi yakwaZungu kwakungu (Tholakele, uGugu, uThabi). (1)
- 6.5.5 (USipho, uSkhumbuzo, uJabulani) ngumfana owaboshwa wagcina eshonele ejele ngoba egwaze uDumisani. (1)
- 6.6 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:
- 6.6.1 Ukuzila. (2)
- 6.6.2 Ukunonophala. (2)
- 6.7 Bhala amaphuzu AMABILI afakazela ukuthi lo mdlalo wenzeka endaweni esemakhaya. (2)

- 6.8 Caphuna amaphuzu AMABILI kulo mdlalo akhombisa ukuthi uMaMbatha ungumama ongenalo uzwelo. (2)
- 6.9 Ziningi izinto ezenziwa uThenjiwe ukuzama ukukhombisa ukuthi wayengahambisani nokungenwa nguDumisani. Bhala ekuyisona senzo esagcina simenza azithole esephoqeka ukuthi avume ukungenwa uDumisani. (2)
- 6.10 UMnumzane Zungu wayeyikhathalele inhlalakahle kaThenjiwe. Sekela lo mbono ngokucaphuna iphuzu encwadini. (1)
- 6.11 UDumisani akakwazi ukuzithathela izinqumo ngempilo yakhe. Fakazela lo mbono ngokucaphuna amaphuzu AMABILI kulo mdlalo. (2)
- 6.12 Ngamaphuzu AMATHATHU chaza ukuthi abazali bakaThenjiwe bangabantu abanjani. (3)
- 6.13 Ngamaphuzu AMATHATHU bhala isifundo ositholile ngokufunda lo mdlalo? (3)
- 6.14 Ngabe yiqiniso noma ngumbono ukuthi uMnumzane Zungu wayehlulwa nguMaMbatha uma kuthathwa izinqumo zokuphatha ikhaya. Sekela impendulo yakho. (2)
- 6.15 Xoxa ngengwijikhwebu etholakala kulo mdlalo. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]****NOMA**

**UMBUZO 7: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

Chaza ukuthi ukusetshenziswa kwenkulumo mpendulwano kanye nokuvezwa kukaDlamini noMbandlwa njengabelekeleli abangabaqhathi kulo mdlalo kuyiphumelelise kanjani indikimba yawo engumbango wezombusazwe.

**[35]****NOMA****UMBUZO 8: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

**(Emzini wekhansela ntambama. UDuma uxoxa nonobhala wakhe uMbandlwa. Bahleli endlini yokuphumula.)**

Mbandlwa: (*Uthukuthela*) Le ndunyana iyagcwaneka madoda! Ithi cela, ucele ukwenza into owayikhethelwa? ODlamini badlala umona ngempela. Ubani owathi bona bangaholelwa ngobuduna lobu babo?

Duma: (*Ebipha*) Asazi nathi. Hheyi, wangeyisa umuntu bo! Abantu besebebukana nathi sinweshulana. Kodwa into engiyiqaphelile ukuthi abantu bayayesaba induna ngoba akekho noyedwa oke wathi nje vu. Kuze kwaba okungabafanyana okuqhamuke maqede kweza kimi kwangimisa idolu.

Mbandlwa: (*Echitha ngesokudla isandla*) Hhayi! Hhayi! Ungalinge uthi abantu bayesaba. Bazithulele nje. Wena qhubeka nezinhlelo zakho. Phela singahlala singenzi lutho uma sizolalela oDlamini. Abantu bayayifuna intuthuko. Usho ukuthi abafisi ukuthola ompompi bamanzi emagcekeni abo? Abafuni ukuthola ugesi ezindlini zabo? Abafuni ukufakelwa itiyela emigwaqweni?

Duma: Hheyi! Lo muntu uthi mangiye KwaMashu ekhweni lami. Ucabanga ukuthi kusekudala lapho kwakudingiswa khona abantu. Uqambe eshilo-ke, mina ngizozhubeka nomsebenzi wami engawukhethelwa. Ubani owathi thina maKhansela sizothatha ubukhosi? Kodwa ukuyokhulekela ukucela ilungelo, ngeke ungibone ngikwenza.

Mbandlwa: Ungalinge wenze lobo bulima wena Duma. Sazabalaza thina. Sasizabalazela inkululeko. Ngenjani inkululeko enemibandela efana nalena ebekwa nguDlamini? Cha, ngempela umzabalazo awukapheli. Ngempela wayeqinisile umfo kaMseleku uma ethi manje sesibhekene nomzabalazo wamathafa. Phela ngesikhathi sobandlululo kwakungumzabalazo wemimango. Sayiqeda-ke imimango kodwa sisethafeni manje lapho kukhona imigoqo evimba intuthuko yethu.

Duma: Uyabona, sekungamane kwenzeke okwenzekayo! Umhlangano wona uzohlangana. Angeke sidlale oDlamini behlwathizisa inkosi. Ngethemba ukuthi nayo inkosi iyothokoza uma isibona indawo yayo isithuthukile.

- 8.1 Bakuphi laba abakhulumayo? (1)
- 8.2 Basebenza msebenzi muni laba bantu abakhulumayo lapha? (2)
- 8.3 Kukuphi ekhweni likaDuma? (1)
- 8.4 Bhala izinto EZINTATHU ezitholakala esiqeshini esingenhla ezikhombisa ukuthi sekuzoba nentuthuko kule ndawo? (3)
- 8.5 Caphuna umusho esiqeshini okhombisa ukuthi uMbandlwa uyayedelela induna. (2)
- 8.6 Ingabe uDlamini uyawuholela lo msebenzi wobuduna? Sekela impendulo yakho. (2)
- 8.7 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:
- 8.7.1 Akekho noyedwa oke wathi vu. (2)
- 8.7.2 Okungabafanyana kwangimisa idolu. (2)
- 8.7.3 Odlamini bahlwathizisa inkosi. (2)
- 8.8 Wayeyokwenzani uDuma esibhedlela ekwakulele kuso inkosi uShandu? (1)
- 8.9 Bhala amaphuzu AMABILI atholakala kulo mdlalo afakazela ukuthi abantu bakule ndawo bathanda udlame. (2)
- 8.10 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi uDuma akayihloniphi inkosi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (4)
- 8.11 Ngamaphuzu AMATHATHU bhala umyalezo odluliswa umbhali ngalo mdlalo. (3)
- 8.12 Phawula ngengwijikhwebu etholakala kulo mdlalo. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 8.13 Qondanisa UHLU A NOHLU B.

UHLU A	UHLU B
8.13.1 UShandu	A Umqhathi.
8.13.2 UMaShezi	B Wafundela ukuba nguthisha.
8.13.3 UMazongolo	C Uyimbangi kulo mdlalo.
8.13.4 UMbandlwa	D Umfundisi owayebambe umhlangano.
8.13.5 UMaNgema	E Inkosikazi kaDuma.
	F Inkosikazi yenduna.

(5 x 1)

(5)  
[35]**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

**ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE****IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu esilandelayo. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**UMBUZO 9: IMFIHLO KAMAKOTI – MT Mkhize**

Chaza ukuthi ukulandelana kwezehlakalo umlingiswa onguRoy azithola ebhekene nazo kuholela kanjani le ndaba kungwikhwebu.

**[35]****NOMA****UMBUZO 10: USIHAWU NESIHAWU – NE Mbesa**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

"Yini? Ubaleka kangaka nje uxoshwa yini?" aqalaze uSihawu, kodwa angaboni ngisho kwani okuyilandelayo. Athi lapho eyibheka, athole ukuthi yinhle ngendlela angakaze ayibone. Madoda! Imisebenzi kaSomandla iyamangalisa! Ingezindoni nje ezigcinelwe izinyoni, pho ibekwa yini lapha? Njengoba iyinhle kangaka, lobu buhle bayo bugcinelwe bani? Iyakhala, sekumanzi isifuba. Athi lapho esayibambile, igxume izame ukudlubulundela. Imizimba yabo ithintane lapho eyinkonkoshela, evimba ukuthi ingamphunyuki. Yize ikhala unganganga uthi iyamamatheka. Aze ayinqobe uSihawu.

Yena uSihawu kungahle kwenzeke aze afe engabizwanga ngangane. Abhokelwe yintukuthelo – nenkanuko. Kuthule kuthe cwaka manje lapha ehlathini okomzuzwana. Nansi intombazane enhle ngendlela emangalisayo; nansi inkanuko; nansi nempi elwayo ngaphakathi enhliziyweni yakhe. Ilwisana nenkulumo kadokotela ekuseni. Inkanuko nentukuthelo kumngqobe uSihawu. Iyazikhalela intombazane: "Hawu, kanti Nkosi yami, ngabe ngenzani? Ngoneni phambi kwakho? Hi-hi! Kodwa khona ngazalwa neshwa, sekungaze kungiphinde?"

Ibuye ingqondo kuSihawu. Kodwa ngempela le ngane yabantu yenzeni? Kanti kuliqiniso ukuthi umuntu wesilisa uyafana nenja? Leli hlazo asezifake kulona? Khona manje lisu lini elingamkhipha kula manyala? Ukuba nje ubezinikeze ithuba lokulalela umcabango wesibili, ngaphambi kokulalela inkanuko nentukuthelo! Asukume azilungise ngokushesha, abe esesiza intombazane.

"Dadewethu, thula, musa ukubalisa kangaka. Thula kancane ungilalele."

"Ngilalele maphi wona amazwi akho azokuchaza okudlula osukwenzile? Kodwa Nkosi yami ngisaphilelani? Awuvele ngani usale usungibulala? Hi! Hi! We mama!" Aphinde ayisondeze kuyena ayesule izimpophoma zezinyembezi. Nanxa isikhale kwaze kwadumba amehlo, isalokhu iyinhle njalo nje. Ayihlalise phansi, naye ahlale eduze kwayo.

10.1 Yini eyayikhalisa uBathobile ngesikhathi ezodlula lapho kwakuhlezi khona uSihawu? (2)

10.2 Msebenzi muni owafundelwa uSihawu ekolishi? (1)

- 10.3 UBathobile wayeyaphi futhi eyokwenzani lapho ngenkathi ehlangana noSihawu? (2)
- 10.4 Khetha impendulo efanele kubakaki:
- 10.4.1 Udokotela uZwakele wayeyinsizwa yakwa (Sithole, Ngcolosi, Shandu). (1)
- 10.4.2 (USihawu, uZitha, uZwakele) wayeyindodana yenkosi. (1)
- 10.4.3 USihawu waqhubeka nokufunda ekolishi lase (Luthuli, Grey's, Cwaka). (1)
- 10.5 Kungani uSihawu ethi "Kuliqiniso ukuthi umuntu wesilisa uyafana nenja?" (2)
- 10.6 Yini eyayikhathaza uSihawu eyamenza wagcina esebonana nodokotela uZwakele? (2)
- 10.7 Bhala izinto EZINTATHU udokotela Zwakele athi ziqeda inzalo yamasoka. (3)
- 10.8 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisebenzile esiqeshini esingenhla: Izimpophoma zezinyembezi. (2)
- 10.9 Chaza isiko okukhulunywe ngalo elaliqhutshwa izalukazi lokuzalela umfowenu uma engazali. (2)
- 10.10 Empilweni uBathobile wahlangabezana nobunzima ayengasoze abukhohlwa. Ngamaphuzu AMATHATHU bhala okwamenzakalela. (3)
- 10.11 Kungani uBathobile wayecabanga ukuthi mhlawumbe umalumekazi wakhe wayezomamukela kangcono emva kokubonana noSihawu? (2)
- 10.12 Yikuphi okwajabulisa uSihawu emva kokuganwa uBathobile okwamenza wagcina eseyinkosi. (2)
- 10.13 USihawu wayenemfihlo ayeyigcinile ezimisele ukufa nayo ngoba ukuvela kwayo kwakungamenza alahlekelwe izinto ezazibalulekile kuyena. Chaza le mfihlo bese usho nokuthi ukuvela kwayo kwakuzomlahlekisela ngani. (3)
- 10.14 Isihloko sale ndaba siyahambelana nokwenzeka endabeni. Sekela lesi sitatimende. (2)
- 10.15 Ngokwale ndaba ngabe iqiniso noma umbono ukuthi odokotela bayakwazi ukugcina izimfihlo zeziguli. Sekela impendulo yakho ngephuzu elilodwa. (2)
- 10.16 Chaza ingwijikhwebu etholakala kule ndaba emfushane. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**[35]****AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**



**ISIQEPHU D: IZINKONDLO****IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO – EJ Mhlanga no JJ Thwala****UMBUZO 11**

Khetha izinkondlo EZIMBILI kuphela bese uphendula imibuzo.

Funda le nkondlo engenzansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Kwamfaz' Ongemama – FF Mbatha**

- 1 Awuthunyelwa gundane
- 2 Ngidele konke ngayokwenda,
- 3 Ngidel' ikhaya likababa,
- 4 Ngadel' izihlobo nabangani,
- 5 Ngadela nezinkalo zangakithi,
- 6 Uze ungilonde Mveli
- 7 Kwamfaz' ongemama.
  
- 8 Namuhla ngiqombol' izintaba,
- 9 Ngilibangise kwamfaz' ongemama.
- 10 Noma ngibangwa nezibi,
- 11 Liyophuma lithi
- 12 Ngiyatefa ngiyazenzisa,
- 13 Uze ungicine Menzi
- 14 Lapho kwanhliziyo ngise.
  
- 15 Noma ngingayisisulu sikamamezala,
- 16 Noma angangicakafula angichaphe
- 17 Ngelumelayo yodwa,
- 18 Ngiyobekezela ngizithobe.
- 19 Mntanomuntu ngibekezele,
- 20 Ngigcine yonk' eyasemendweni.
- 21 Uz'ube yisihlangu sami Baba,
- 22 Lapho kwamfaz' ongemama.
  
- 23 Konke kwenzeka samlingo,
- 24 Nokho lolu thando luyithumbil' eyami,
- 25 Lolu thando lungishay' indali emajukujukwini,
- 26 Ngiyazesaba ezakhona izehlo.
- 27 Nokho akusenani
- 28 Sengobekezela ngizithobe,
- 29 Kwamfaz' ongemama.

- 11.1 Elikamfaz' ongemama liqondeni kule nkondlo? (1)
- 11.2 Ngokwale nkondlo uMenzi uqonde (uMdali, ubaba okuzalayo, umuntu oshade naye). (1)
- 11.3 Khipha imvumelwano siqalo etholakala esitanzeni soku-1. (2)

- 11.4 Iluhlobo luni le nkondlo? (1)
- 11.5 Khipha ukuxhumana okuyingxemu okutholakala esitanzeni sokugcina kule nkondlo. (2)
- 11.6 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisebenzile enkondlweni:
- 11.6.1 Ukuthumba. (2)
- 11.6.2 Ukuzithoba. (2)
- 11.6.3 Ukubangwa nezibi. (2)
- 11.7 Khipha umugqa oyimpindwa kule nkondlo engenhla. (1½)
- 11.8 Ngamaphuzu AMATHATHU bhala umqondo wale nkondlo. (3)
- [17½]**

**NOMA**

**UMBUZO 12**

Funda le nkondlo engenzansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Ungumzali Onjani? – DA Hlophe**

1 Ungumzali onjani?  
2 Odel' igazi lakhe  
3 Lichithek' ezintabeni.  
4 Sithi sihlezi sithokozile  
5 Kodwa abesibophel' amanqina enyathi.

6 Ungumzali onjani?  
7 Onhliziyo yakhe iyitshe  
8 Ongafuni ukusinika  
9 Iwisa nesihlangu  
10 Silwe sivike kudel' umakhasane  
11 Kukhale inkwazi kukikizwe!

12 Ungumzali onjani?  
13 Ongasingath' amachwane akhe,  
14 Awafake endleleni eyiyo.  
15 Kuthi lapho kufik' izivunguvungu  
16 Ziwathole ekhuselekile.

17 Ungumzali Onjani?  
18 Ohlal' enethezekile  
19 Ashay' esingeqiwa ntwala  
20 Kodwa ekhaya kudlang' usizi  
21 Izingane zibona ngokusa.

22 Ungumzali onjani?  
23 Onikwa isikhali sempilo  
24 Ahlabane ngaso imizuzwana  
25 Asitshinge phezulu  
26 Kuqhamuke iminjunju imtshikitshela.

- 12.1 Ngonjani umzali okubhekiswa kuye lo mbuzo oyisihloko sale nkondlo? (1)
- 12.2 Bhala amaphuzu AMABILI akhombisa ukuthi lo mzali akazinakekeli izingane zakhe. (2)
- 12.3 Elamachwane kule nkondlo lisho (izingane zakho, izinkukhu ozifuyile, izikweletu). (1)
- 12.4 Bhala imvumelwano siqalo etholakala esitanzeni sokugcina. (2)
- 12.5 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisebenzile enkondlweni:
- 12.5.1 Ukudel' igazi lakho. (2)
- 12.5.2 Ukuhlala unethezeke. (2)

- 12.6 Hlobo luni lwenkondlo lolu? (1)
- 12.7 Bhala umugqa oyimpindwa kule nkondlo. (1½)
- 12.8 Hlobo luni lwesifenko lolu: Onhliziyo yakhe iyitshe. (2)
- 12.9 Ngamaphuzu AMATHATHU bhala umqondo wale nkondlo. (3)  
[17½]

### NOMA

#### UMBUZO 13

Funda le nkondlo engenzansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

#### Ngiyogiya Ngiqephuze – NL Luthuli

- 1 Ngiyogiya ngiqephuze,
- 2 Ngihay' izibongo,
- 3 Ngingqabashiye ngihalalise ngokuqhashambula
- 4 Sengiphumelel' ukufez' ezeminyak' izifiso
- 5 Ngezinhliso zami ngelokujaja ilanga.
- 6 Senginqwanjiswe umnqwambo oqavile
- 7 Sengiyikazel' iminyezane yakomfundo.
- 8 Ngiyogiya ngiqephuze.
- 9 Ngigiye ngiqephuze ngiqeketh' izindaba
- 10 Ngiye ngilokoth' amagama angalokothwayo
- 11 Alab' abayibekile induk' ebandla.
- 12 Abachathazil' emagulen' abo ezangqondo
- 13 Ze ngiqwal' eqonsayo imimango.
- 14 Ngiyogiya ngiqephuze.
- 15 Ngigiye kuyiyize omame nezalukazi.
- 16 Besho bempongoloza ngamaphimbo emizwilili.
- 17 Usho mfo kaShandu ukuth' uyalazi leli
- 18 Bhobhodleyana lakoMshibe.
- 19 Usho liphekwe kweyakh' imbiza
- 20 Ugiye kanye nalo ngaphimbo linye
- 21 Ningqabashiye ze nakwabezay' ixoxw' indaba.

- 13.1 Yini le eyobe igiyisa imbongi? (2)
- 13.2 Khetha impendulo efanele kulezo ozinikiwe
- 13.2.1 Omame nezalukazi bayoyiyiza okusho (ukulila, ukukikiza, ukudembesela). (1)
- 13.2.2 UMshibe isithakazelo sakwa (Luthuli, Shandu, Zuma). (1)

- 13.3 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe enkondlweni:
- 13.3.1 Ngilokoth' amagama angalokothwayo. (2)
- 13.3.2 Liphekwe kweyakh' imbiza. (2)
- 13.3.3 Ze ngiqwal' eqonsayo imimango. (2)
- 13.4 Bhala isibonelo semvumelwano siqalo eyeqayo etholakala esigabeni soku-1. (1½)
- 13.5 Bhala uhlobo lokuxhumana olutholakala esigabeni sesibili bese ubhala nesibonelo sakhona. (3)
- 13.6 Ngamaphuzu AMATHATHU bhala umqondo wale nkondlo. (3)
- [17½]**

### NOMA

#### UMBUZO 14


Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

#### Kuyosala Izibongo – T Qwabe

- 1 Wayengathethi manga okaNdaba,
- 2 Ngesikhathi ethi ziyofa izinsizwa kusale izibongo.
- 3 Kula mathafa ezwe lethu kwake kwaphila izinsizwa,
- 4 Ezazigijima mzila munye nezingwenya ezibulalayo,
- 5 Zibhukuda mfula munye nezingwenya ezibulalayo,
- 6 Zibanga amaqele namabhubesi abulalayo,
- 7 Zidwanguza amahlathi nezingwe ezibulalayo.
  
- 8 Ekuhambeni kwami ngingamula izwe lakithi,
- 9 Ngibona inhlaba imile ngezinyawo ihlobile,
- 10 Namatshe elele ngezisu elanda ezasendulo,
- 11 Notshani bukhwele ngezidindi kukhinindelana ezasendulo,
- 12 Kuyaye kube sengathi ngamehlo ami,
- 13 Ngibona amaqhawe akithi evunule ngamabheshu,
- 14 Ezandleni ebambe amahawu amaqhabanga namaklwa
- 15 Ezinyaweni embethe ukushesha okungathi okombani,
- 16 Esho ingoma yempi esenukelwa yigazi,
- 17 Edinwe evevezela okweminyovu ngokudlokodlwa ehlweni.
  
- 18 Ngiwabona ethi shalushalu,
- 19 Egane unwabu, ngimfung' uNonhlanhla kababa,
- 20 Elwa engakhokhi moya noma seyaphela impi,
- 21 Elwa ngemimoya ekhathazekile ngoba engagezwanga,
- 22 Futhi kungekho namunye owathi shwele.

- 14.1 Ubani lo kaNdaba okukhulunywa ngaye lapha kule nkondlo? (1)
- 14.2 Uhlobene kanjani uNonhlanhla nembongi? (1)
- 14.3 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisebenzile enkondlweni:
- 14.3.1 Ziyofa izinsizwa kusale izibongo. (2)
- 14.3.2 Elwa engakhokhi moya. (2)
- 14.3.3 Amatshe alanda ezasendulo. (2)
- 14.4 Bhala uhlobo lwemvumelwano etholakala esigabeni sokuqala bese unikeza nesibonelo. (1½)
- 14.5 Esigabeni sesibili khipha umusho okhombisa ukuthi amaqhawe ayehlome ngezikhali bese uwubhala phansi. (2)
- 14.6 Phawula ngesigqi esitholakala esigabeni sokuqala bese usho ukuthi siwulolonga kanjani umqondo walesi sigaba. (3)
- 14.7 Siluhlobo luni isifenko esitholakala emgqeni we-17 esithi: 'edinwe evevezela okweminyovu ngokudlokodlwa ehlweni.' Shono ukuthi lesi sifenko sinamthelela muni emqondweni wale nkondlo. (3)  
[17½]

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**



# basic education

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2012


IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 100

Le memorandamu inamakhasi ayi-13.


**ISIQEPHU A: IMEMORANDAMU YEZINDABA**

AMAKHODI	IKHODI 7 Uphumelele ngamalengiso	IKHODI 6 Uphumelele ngegophelo eliphezulu	IKHODI 5 Uphumelele ngokuvelele	IKHODI 4 Uphumelele ngezinga eligculisayo	IKHODI 3 Uphumelele ngokusendimeni	IKHODI 2 Uphumelele ngokunganelisi kahle hle	IKHODI 1 Akaphumelelanga
<b>ISIQEPHU A (AMAMAKI 50)</b>	10–12 (80–100%) <b>ULIMI:</b> * Ulimi lunothile kakhulu, nezimpawu zokuloba zisetshenziswe kahle kakhulu. * Amagama ajiyile futhi anemba kahle kakhulu. * Isitayela, iphimbo nerejista kusetshenziswe ngokuphumelela okukhulu. * Indaba ayinamaphutha nhlobonhlobo. * Imisho nezigaba zendaba kuyanikezelana kahle kakhulu.	8½–9½ (70–79%) <b>ULIMI:</b> * Ulimi lunothile impela nezimpawu zokuloba zisetshenziswe kahle impela. * Amagama akhetheke kahle impela. * Isitayela, iphimbo nerejista kusetshenziswe ngokuseqophelweni. * Indaba ayinamaphutha. * Imisho nezigaba zendaba kuyanikezelana impela.	7½–8 (60–69%) <b>ULIMI:</b> * Ulimi lusebenze kahle. * Amagama asetshenziswe kahle. * Isitayela, iphimbo nerejista kusetshenziswe kahle. * Indaba yamukeleka kahle. * Imisho nezigaba zendaba kuyahambisana kahle.	6–7 (50–59%) <b>ULIMI:</b> * Ulimi nezimpawu zokuloba kusetshenziswe ngokugculisayo. * Amagama asetshenziswe ngokugculisayo. * Isitayela, iphimbo nerejista kusetshenziswe ngokugculisayo. * Indaba isezingeni eligculisayo. * Imisho nezigaba zendaba kuyagculisa.	5–5½ (40–49%) <b>ULIMI:</b> * Ulimi nezimpawu zokuloba kusetshenziswe ngokusendimeni. * Amagama asetshenziswe ngokulingene nje. * Isitayela, iphimbo nerejista kusendimeni. * Indaba isendimeni. * Imisho nezigaba zendaba kusendimeni.	4–4½ (30–39%) <b>ULIMI:</b> * Ulimi seluqata ukunganelisi kahle. * Amagama asetshenziswe ngokunganeliseki kahle. * Isitayela, iphimbo nerejista akuhambisani kahle. * Indaba igcwele amaphutha. * Imisho nezigaba zendaba akuhambelani kahle.	0–3½ (0–29%) <b>ULIMI:</b> * Ulimi luphansi kunamaphutha amaningi kakhulu. * Amagama awahambelani ayanhlanhlatha. * Isitayela, iphimbo nerejista kugcwele amaphutha kakhulu. * Amaphutha maningi kakhulu. Imisho nezigaba zendaba kunamaphutha amaningi kakhulu.
	<b>ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (12)</b>						





IKHODI 7 Uphumelele ngamatengiso	IKHODI 6 Uphumelele ngeqophelo eliphezulu	IKHODI 5 Uphumelele ngokuvelele	IKHODI 4 Uphumelele ngezinga eligculisayo	IKHODI 3 Uphumelele ngokusendimeni	IKHODI 2 Uphumelele ngokunganelisi kahle hle	IKHODI 1 Akaphumelelanga
<p>26–32 (80–100%)</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>* Okuqukethwe kutshengisa ukuzisungulela okusezingeni elihle kakhulu.</li> <li>* Imiqondo inikezelana kahle kakhulu.</li> <li>* Indaba inokuthuthuka okusezingeni elihle impela.</li> <li>* Uhlaka lucacile futhi luhambisana kahle impela nendaba.</li> </ul>	<p>22½–25½ (70–79%)</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>* Kunokuziqambela okuhle impela.</li> <li>* Imiqondo inikezelana kahle impela.</li> <li>* Indaba inokuthuthuka okusezingeni elihle impela.</li> <li>* Uhlaka lucacile futhi luhambisana kahle impela nendaba.</li> </ul>	<p>19½–22 (60–69%)</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>* Kuseqophelweni elihle.</li> <li>* Imiqondo inikezelana kahle.</li> <li>* Indaba inokuthuthuka okusezingeni elihle.</li> <li>* Uhlaka luhambisana kahle nendaba.</li> </ul>	<p>16–19 (50–59%)</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>* Kuseqophelweni eligculisayo.</li> <li>* Imiqondo inikezelana ngokugculisayo.</li> <li>* Indaba ifhuthuka ngokugculisayo.</li> <li>* Uhlaka lucace ngokugculisayo.</li> </ul>	<p>13–15½ (40–49%)</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>* Kuvezwe ngokusendimeni.</li> <li>* Ivezwe ngokusendimeni</li> <li>* Kunamaphuzu avezwe ngokulinganayo.</li> <li>* Uhlaka lusendimeni.</li> </ul>	<p>10–12½ (30–39%)</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>* Akucacile kahle.</li> <li>* Imiqondo ayisanikezelani kahle.</li> <li>* Kuvezwe amaphuzu ayingcosana.</li> <li>* Uhlaka alucacile kahle futhi alulandeleki kahle.</li> </ul>	<p>0–9½ (0–29%)</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>* Okuqukethwe akuhambelani neze nesihloko.</li> <li>* Imiqondo ayihambelani nesihloko.</li> <li>* Indaba ayihambisani nesihloko neze.</li> <li>* Uhlaka alubekekile neze kahle/alukho.</li> </ul>
<p><b>OKUQUKETHWE NOHLAKA (32)</b></p>	<p>4½</p>	<p>4</p>	<p>3–3½</p>	<p>2½</p>	<p>2</p>	<p>0–1½</p>
<p><b>ISAKHIWO (6)</b></p> <ul style="list-style-type: none"> <li>* Ubude bufanelekile kahle kakhulu.</li> <li>* Isakhiwo usilande ngokuncomekayo kakhulu.</li> <li>* Imisho nezigaba zendaba kuyanikezelana kahle kakhulu.</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>* Ubude bufaneleke impela.</li> <li>* Isakhiwo usilande ngokuncomekayo impela.</li> <li>* Imisho nezigaba zendaba kuyanikezelana impela.</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>* Ubude busezingeni elihle.</li> <li>* Isakhiwo sihle.</li> <li>* Imisho nezigaba zendaba kuyahambisana kahle.</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>* Ubude busezingeni eligculisayo.</li> <li>* Isakhiwo siyagculisa.</li> <li>* Imisho nezigaba zendaba kuyagculisa.</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>* Ubude busendimeni.</li> <li>* Isakhiwo silandele ngokusendimeni.</li> <li>* Imisho nezigaba zendaba kusendimeni.</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>* Ubude nendaba abunelisi kahle.</li> <li>* Isakhiwo asanelisi kahle.</li> <li>* Imisho nezigaba zendaba akwenelisi.</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>* Indaba imfushane kakhulu/inde kakhulu.</li> <li>* Isakhiwo asisihle neze.</li> <li>* Imisho nezigaba zendaba kunamahutha amaningi kakhulu.</li> </ul>



Akuvumelekile ukukupisha leli phepha

MW Fink

Pheqa ikhasi

NSC – Imemorandamu

**OKULINDELEKILE**

Umqondo mawuphelele esigabeni esisodwa noma kwesilandelayo.  
Okungenani mazibe zimbili kuphela izigaba ezethula/ezixoxa ngomqondo owodwa, mazingadluli kulokho.  
Makuqalwe umqondo omusha esigabeni esisha.

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**

<b>ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (12)</b>	
Ulimi (L) <i>Bullets</i> 1&4	6
Ukuhlela (amagama) (G) <i>Bullets</i> 2&3	3
Isitayela (ST) <i>Bullets</i> 6&7	3
	<b>[12]</b>

**Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa**

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.  
PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.  
L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.  
// – khombisa isigaba esisha.  
NK – inkathi engemukelekile.  
'S-I – i-aphostilofi engemukelekile.  
GL – amagama awalandelani ngokufanele.  
R – irejista.

**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**


- Isingeniso: Siyahena, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba.
- Umzimba: (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.  
(ii) Zihleleke kahle/umqondo osekelayo.  
(iii) Umbhalo nombhalo mawuhambelane nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho: (i) Siyisigaba esisodwa.  
(ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.  
(iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

<b>OKUQUKETHWE (32)</b>	
Okuqukethwe (Q) <i>Bullet</i> 1	12
Imiqondo (Im) <i>Bullet</i> 2	8
Ukuhthuka (Th) <i>Bullet</i> 3	7
Uhlaka (Hi) <i>Bullet</i> 4	5
	<b>[32]</b>

**ISAKHIWO (6)**

Isakhiwo (SK) <i>Bullet</i> 1	3
Ubude (U) <i>Bullet</i> 4	3
	<b>[6]</b>




*[Signature]*  
M. L. A. G. ...

## OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)


<p><b>1.1 Ukubaluleka Kokubalwa Kwabantu.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta okunye kwalokhu:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Kungavezwa isibalo sabantu abaphilayo, abazalwayo nabashonayo.</li> <li>• Kungavezwa imikhakha eyehlukene yemihlo.</li> <li>• Kungaveza ulwazi ngemali yentela uHulumeni angayilindela.</li> <li>• Kunganikeza uHulumeni ulwazi lokuhlelela ikusasa.</li> <li>• Kunganikeza uHulumeni ulwazi ngabantu bokufika abakulelizwe.</li> <li>• Kunganikeza uHulumeni ulwazi ngamakhono akhona nashodayo.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nokubalwa kwabantu</p>	<p><b>1.2 INingizimu Afrika Isikulungele Ukuba noMengameli Wesifazane.</b></p> <p>Amaphuzu angathinta okulandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Sekuyisikhathi eside uHulumeni waseNingizimu Afrika eshumayela ivangeli lokulingana ngokobulili, lesi sekuyisikhathi sokuthi lokhu obekukhulunywa ngakho kwenziwe.</li> <li>• Inhlango yabesifazane (Women's League) yeqembu elibusayo igquguzela ukuthi kunikwe nabesifazane ithuba lokuba ngoMengameli.</li> <li>• Bani ngabantu besifazane asebekhombise amakhono okuba ngabaholi abaqotho. Isibonelo: UDkt Nkosazana Zuma njll.</li> <li>• Abesifazane sebefunde ngokwanele ukuthi bangaba ngabaholi.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>	<p><b>1.3 Ekugcineni Ngize Ngamthola Umfowethu.</b></p> <p>Amaphuzu angathinta okulandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukuthi nanilahlekelene kanjani futhi nini nomfowenu.</li> <li>• Imizamo owayenza ukuzama ukumthola.</li> <li>• Izinkinga owahlangabezana nazo.</li> <li>• Okwakusiza ukuthi umthole.</li> <li>• Injabulo eyabakhona mhla nitholana.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>
<p><b>1.4 Ngiyaziqhenya Ngesiko Lami.</b></p> <p>Amaphuzu angathinta okulandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukuchazwa kwesiko/amasiko umfundi akhethe ukuxoxa ngawo.</li> <li>• Yini eyenza abantu baziqhenye ngamasiko abo.</li> <li>• Ukugujiwa kwenyanga yamasiko.</li> <li>• Izinhlobo ezehlukene zemincimbi ezihambisana namasiko, imigubho yomkhosi womhlango, imemulo, namanye amasiko ezinye izinhlanga.</li> <li>• Umcimbi wamasiko ake awuhambela.</li> <li>• Okungenziwa ukwenza isiqiniseko sokuthi isiko alishabalali.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>	<p><b>1.5 Ngiyayibonga Indlela Abangikhulisa Ngayo.</b></p> <p>Amaphuzu angathinta okulandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Angachaza ukuthi baphi abazali bakhe bangempela.</li> <li>• Angachaza ukuthi watholana kanjani nalaba abamkhulisa.</li> <li>• Okumenza abonge indlela akhuliswa ngayo.</li> <li>• Uma kungukuthi abazali bakhe bangempela basaphila angaveza nokuthi uzizwa kanjani ngabo njengoba bengamkhulisanga.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p> <div style="border: 1px dashed black; padding: 5px; margin-top: 10px;"> <p>DEPARTMENT OF BASIC EDUCATION 2012-11-28</p> </div>	<p><b>1.6.1 Isithombe:</b></p> <p>Amaphuzu angathinta okulandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Abafundi mabanike indaba isihloko esiyifanele. (Izinloko ziyokwehluka.)</li> <li>• Ukubaluleka/ ubuhle bemfundo.</li> <li>• Ukubaluleka kokuthi abazali bonge imali ukuze bakwazi ukufundisa abantwana babo.</li> <li>• Ukuphumelela kuhambisana nokuzikhandla umuntu echitha isikhathi esiningi emtatsheni wezincwadi.</li> <li>• Ukusebenza kanzima kunomvuzo.</li> <li>• Umuntu ophumelelayo ohlonipha othisha nabazali bakhe.</li> <li>• Ukugquguzela abazali ukuthi bakhuthaze izingane zabo ukuthi zizijwayeze isiko lokufunda.</li> </ul> <p><b>QAPHELA:</b> Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.</p>

<p><b>1.6.2 Isithombe:</b> Amaphuzu angathinta okulandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Abafundi mabanike indaba isihloko esiyifanele. (Izihloko ziyokwehluka.)</li> <li>• Izinhlobo ezehlukene zobuchwepheshe.</li> <li>• Okwenza intsha isheshe ikwazi ukusebenzisa lobu buchwepheshe.</li> <li>• Okwenza abantu asebekhulile bakuthole kunzima ukusebenzisa ubuchwepheshe.</li> <li>• Ubuhle bokuthuthuka kwezobuchwepheshe.</li> </ul> <p><b>QAPHELA:</b> Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.</p>	<p><b>1.6.3 Isithombe:</b> Amaphuzu angathinta okulandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Abafundi mabanike indaba isihloko esiyifanele. (Izihloko ziyokwehluka.)</li> <li>• Ukuhlanganisa ezemidlalo nezombusazwe lqhaza elibanjwa ezemidlalo nomculo ukuhlanganisa izinhlanga ezahlukene.</li> <li>• Izinhlobo ezahlukene zemidlalo.</li> <li>• Ukubaluleka kwemidlalo ukukugcina uphille ngokomphefumulo nangokwengqondo.</li> <li>• Ukubaluleka kokuthola ulwazi mayelana nokuzithuthukisa kwesizwe.</li> </ul> <p><b>QAPHELA:</b> Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.</p>
-------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------	------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------




**ISIQEPHU B: INCWADI YOBUNGANI, INKULUMO, INTAVYU, I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO**

AMAKHODI	IKHODI 7 Uphumelele ngamalengiso	IKHODI 6 Uphumelele ngeqophelo eliphezulu	IKHODI 5 Uphumelele ngokuvelele	IKHODI 4 Uphumelele ngezinga eligulisayo	IKHODI 3 Uphumelele ngokusendimeni	IKHODI 2 Uphumelele ngokunganelisi kahle hie	IKHODI 1 Akaphumelelanga
<p><b>ISIQEPHU B</b></p> <p><b>AMAMAKI</b></p> <p><b>30</b></p>	<p><b>8-10 (80-100%)</b></p> <p>* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusezingeni eliphezulu kakhulu.</p> <p>* Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni elihle impela.</p> <p>* Ubude bombhalo kusezingeni elihle kakhulu.</p> <p>* Ubude bombhalo buwulandele kahle kakhulu umgomo mlayelo.</p>	<p><b>7-7½ (70-79%)</b></p> <p>* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusezingeni eliphezulu impela.</p> <p>* Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni elihle impela.</p> <p>* Ubude bombhalo buhle impela.</p>	<p><b>6-6½ (60-69%)</b></p> <p>* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusezingeni elihle.</p> <p>* Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni elihle.</p> <p>* Ubude bombhalo buhle.</p>	<p><b>5-5½ (50-59%)</b></p> <p>* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kuyagculisa.</p> <p>* Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni eligulisayo.</p> <p>* Ubude bombhalo buyagculisa.</p>	<p><b>4-4½ (40-49%)</b></p> <p>* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusendimeni.</p> <p>* Isitayela, iphimbo nerejista kusendimeni.</p> <p>* Ubude bombhalo busendimeni.</p>	<p><b>3-3½ (30-39%)</b></p> <p>* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba akwenelisi kahle.</p> <p>* Isitayela, iphimbo nerejista akwenelisi kahle.</p> <p>* Ubude bombhalo abwenelisi kahle/Inde/Imfisha.</p>	<p><b>0-2½ (0-29%)</b></p> <p>* Uhlelo, ukusetshenziswa kolimi nezimpawu zokuloba kusezingeni eliphansi kakhulu.</p> <p>* Isitayela, iphimbo nerejista kusezingeni eliphansi kakhulu.</p> <p>* Ubude bombhalo bubi kakhulu/Inde kakhulu/Imfisha kakhulu.</p>
	<b>ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (10)</b>						



*[Handwritten signature]*

	16-20 (80-100%)	14-15 1/2 (70-79%)	12-13 1/2 (60-69%)	10-11 1/2 (50-59%)	8-9 1/2 (40-49%)	6-7 1/2 (30-39%)	0-5 1/2 (0-29%)
<b>OKUQUKETHWE, UHLAKA, ISAKHIWO (20)</b>	<ul style="list-style-type: none"> <li>* Ulwazi oluqukethwe luseqophelweni eliphezulu.</li> <li>* Unamathela ngokuseqophelweni eliphezulu kwabuzwe ngakho.</li> <li>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokusezingeni eliphezulu.</li> <li>* Uhlaka lombhalo luseqophelweni eliphezulu.</li> <li>* Ithekisthi lilandele isakhiwo esifanele impela.</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>* Ulwazi oluqukethwe luseqophelweni eliphuzulu.</li> <li>* Unamathela ngokuseqophelweni eliphezulu kwabuzwe ngakho.</li> <li>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokusezingeni eliphezulu.</li> <li>* Uhlaka lombhalo luseqophelweni eliphezulu.</li> <li>* Ithekisthi lilandele isakhiwo esifanele kahle.</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>* Ulwazi oluqukethwe lusezingeni eligculisayo.</li> <li>* Unamathela ngokugculisayo kulokho abuzwe ngakho.</li> <li>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokugculisayo.</li> <li>* Uhlaka lombhalo luyagculisa.</li> <li>* Ithekisthi lilandele isakhiwo esigculisayo.</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>* Ulwazi oluqukethwe lusendimeni.</li> <li>* Unamathela ngokusendimeni kulokho abuzwe ngakho.</li> <li>* Imibono ibhalwe yamukelana ngokusendimeni.</li> <li>* Uhlaka lombhalo lusendimeni.</li> <li>* Ithekisthi lilandele isakhiwo esisendimeni.</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>* Ulwazi oluqukethwe alunelisi kahle.</li> <li>* Akanamatheli kahle kulokho abuzwe ngakho.</li> <li>* Imibono ayibhalwe kahle.</li> <li>* Uhlaka lombhalo alunelisi kahle.</li> <li>* Ithekisthi lilinganiselisi kahle.</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>* Ulwazi oluqukethwe alunelisi kahle.</li> <li>* Akanamatheli kahle kulokho abuzwe ngakho.</li> <li>* Imibono ayibhalwe kahle neze.</li> <li>* Uhlaka lombhalo alunelisi kahle.</li> <li>* Ithekisthi lilinganiselisi kahle.</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>* Ulwazi oluqukethwe alunelisi kahle.</li> <li>* Akanamatheli kahle kulokho abuzwe ngakho.</li> <li>* Imibono ayibhalwe kahle neze.</li> <li>* Uhlaka lombhalo alunelisi kahle.</li> <li>* Ithekisthi lilinganiselisi kahle.</li> </ul>



## OKULINDELEKILE

### 2.1 INCWADI YOBUNGANI

- Ikheli iliodwa.
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. Isib.(16 kuNdasa 2012 / 16 Mashi 2012)
- Obhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma: Thandi/Sipho.
- Isigaba sokuqala singaqalisa kanje:Ngiyathemba ...,Ngiyaxolisa ... njalo-njalo
- Valelisa ukhombise ukumazi lowo ombhalelayo. Isib. Yimina umngani wakho uNjabulo

Okulindelekile: (i) Iyangeniswa

(ii) Umzimba (ungaba yizigaba ezimbili)

(iii) Isiphetho (makuvele ukuqoqwa kwendaba)

(iv) Inani lamagama kumele lihambisane nemiyalelo enikeziwe.


### 2.2 INKULUMO

- Akuvele inhloso yenkulumo.
- Ukubingelela abahambele umcimbi ngokwezikhundla zabo.
- Okhulumayo angalokothi enze izixoliso ezikhombisa ukungazethembi njengokuthi: 'Nixole bakwethu angizange ngiyilungiselele le nkulumo'.
- Okhulumayo angafaki amazwi azokhombisa ukubukela phansi noma ethuke labo abamlalele.
- Inkulumo ingabi yinde kakhulu.
- Isiphetho masibe ngesinembayo njengokufaka inselelo kulabo abalalele noma agoqe ngenhloso yokugcizelela amaphuzu akade ekhulumela phezu kwawo.

### 2.3 I-INTHAVYU

- Kumele kuvele ukuthi i-inthaviyu ezoshicilelwa ephephandabeni noma ezoba bukhoma emsakazweni noma kumabonakude.
- Kumele kuvele igama lomuntu okunguyena ozo-inthavyuwa.
- Kuvele nokuthi udume ngani emphakathini.
- Imibuzo abuzwa yona kumele kube ngehlelwe kahle engezomlulaza isithunzi sakhe.

Akuvumelekile ukukupisha leli phepha



*[Handwritten signature]*

DATE: 2012-11-28

#### 2.4 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO:

- Akuvele usuku, indawo nesikhathi umhlango ozobanjwa ngaso.
- Akuvele izihlokwana okuyizona obekukhulunyelwa ngaphansi kwazo.
- Kuvele abebekhona nabaxolisile.
- Kuvele amaphuzu adingidiwe kwavunyelwana ngawo ngokufingqiwe.

Amamaki azocazwa ngale ndlela:

**ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (10)**

Ulimi (L) Bullets 2&3 6

Isitayela (ST) Bullet 6&7 2

Ubude (U) Bullets 4 2

[10]

**OKUQUKETHWE, UHLAKA NESAKHIWO (20)**


Okuqukethwe (Q) Bullets 1&2 7

Imibono (B) Bullets 3 5

Uhlaka (HI) Bullets 4 5

Isakhiwo (Sk) Bullet 1 3

[20]





**ISIQEPHU C: ISIKHANGISI, IPHOSIKHADI, INKOMBANDLELA**

AMAKHODI	IKHODI 7 Uphumelele ngamalengiso	IKHODI 6 Uphumelele ngeqophelo eliphezulu	IKHODI 5 Uphumelele ngokuvelele	IKHODI 4 Uphumelele ngezinga eligulisayo	IKHODI 3 Uphumelele ngokusendimeni	IKHODI 2 Uphumelele ngokunganelisi kahle hle	IKHODI 1 Akaphumelelanga
ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (7)	6-7 (80-100%) * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusezingeni eliphezulu kakhulu. * Isitayela, iphimbo nerejista kuhambisana kahle kakhulu. * Ubude bufanelekile kahle kakhulu.	5-5½ (70-79%) * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusezingeni eliphezulu impela. * Isitayela, iphimbo nerejista kuhambisana kahle impela. * Ubude bufanelekile impela.	4½ (62-69%) * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusezingeni elihle. * Isitayela, iphimbo nerejista kuhambisana kahle. * Ubude bufanelekile kahle.	3½-4 (52-59%) * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kuyagculisa. * Isitayela, iphimbo nerejista kuyagculisa. * Ubude buyagculisa.	3 (40-49%) * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi kusendimeni. * Isitayela, iphimbo nerejista kusendimeni. * Ubude busendimeni.	2½ (30-39%) * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi akunelisi kahle. * Isitayela, iphimbo nerejista akuhambisani kahle. * Ubude abufanelekile kahle.	0-2 (0-29%) * Uhlelo nokusetshenziswa kolimi akukuhle neze. * Isitayela, iphimbo nerejista akuhambisani neze. * Ubude abufanelekile neze.
ISIQEPHU C AMAMAKI 20	10½-13 (80-100%) * Ulwazi oluhle kakhulu ngohlobo lombhalo. * Ubhala kahle kakhulu ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. * Imibono ibhalwe yamukelana kahle kakhulu. * Uhlaka lombhalo luhle kakhulu. * Ithekisthi inesakhiwo esihle kakhulu.	9½-10 (70-79%) * Ulwazi oluhle impela ngohlobo lombhalo. * Ubhala kahle impela ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. * Imibono ibhalwe yamukelana kahle impela. * Uhlaka lombhalo luhle impela. * Ithekisthi inesakhiwo esihle impela.	8-9 (60-69%) * Ulwazi oluhle ngohlobo lombhalo. * Ubhala kahle ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. * Imibono ibhalwe yamukelana kahle luhle. * Uhlaka lombhalo luhle impela. * Ithekisthi inesakhiwo esihle impela.	6½-7½ (50-59%) * Ulwazi olugculisayo ngohlobo lombhalo. * Ubhala ngokugculisayo ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. * Imibono ibhalwe yamukelana ngokugculisayo. * Uhlaka lombhalo luyagculisa. * Ithekisthi inesakhiwo esigculisayo.	5½-6 (40-49%) * Ulwazi olusendimeni ngohlobo lombhalo. * Ubhala ngokusendimeni ngalokho abuzwe ngakho akagudluki neze. * Imibono ibhalwe yamukelana ngokusendimeni. * Uhlaka lombhalo lusendimeni. * Ithekisthi inesakhiwo kusendimeni.	4-5 (30-39%) * Ulwazi olunganelisi ngohlobo lombhalo. * Ubhala ngokunganelisi ngalokho akubuziwe. * Imibono ibhalwe ngokunganelisi. * Uhlaka lombhalo alwanelisi. * Ithekisthi inesakhiwo esinganelisi kahle.	0-3½ (0-29%) * Ulwazi aluluhle neze. * Akanamatheli kahle neze kulokho abuzwe ngakho. * Imibono ayibhaliwe kahle neze. * Uhlaka lombhalo aluluhle neze. * Ithekisthi inesakhiwo esinganelisi neze.
OKUQUKETHWE, UHLAKA, ISAKHIWO (13)							

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

2012-11-20

DEPARTMENT OF BASIC EDUCATION  
PASTORAL UNIT

*[Handwritten Signature]*

W W W

E. S. S.

Pheqa ikhasi

**OKULINDELEKILE****3.1 ISIKHANGISI**

- Masibhalwe ebhokisini.
- Amagama ahehayo.
- Igama lebhizinisi.
- Usizo olutholakala ebhizinisini.
- Indawo elitholakala kulo ibhizinisi.
- Inombolo yocingo neyesikhahlemezi.
- Igama lomuntu ongathintwa uma umuntu efuna usizo.

**3.2 IPHOSIKHADI**

- Malibhalwe ebhokisini.
- Ikheli lothunyelelwayo, kufanele libhalwe esandleni sokudla phezulu.
- Isibingelelo, esingasesandleni sokunxele.
- Umyalezo.
- Isivaleliso (asifakwa isibongo)

**3.3 INKOMBANDLELEA**

- Makuvele imigwaqo noma imizila umuntu azoyihamba.
- Kuvele amagama ezindawo umuntu azodlula kuzo.
- Olayelayo asebenzise ulimi oluqondile.

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**


**ULIMI, ISITAYELA, UKUHQLELA (7)**

Ulimi	(L) Bullets 2&3	3
Isitayela nokuhlela	(StHl)	2
Ubude	(U) Bullets 4	2
		<b>[7]</b>

**OKUQUKETHWE, IMIBONO NESAKHIWO (13)**

Okuqukethwe	(Q) Bullets 1&2	6
Imibono	(B) Bullets 3	4
Isakhiwo	(Sk) Bullet 1&4	3
		<b>[13]</b>

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha




*[Signature]*

M W F

## OKULINDELEKILE MAYELANA NOBUDE NOBUFUSHANE BEMIBHALO

- Uma amagama ege noma ehle esukela ku 1–5 kuyokwamukeleka.
- Uma amagama ege noma ehle esukela ku 6–10 kuyosuswa imaki elilodwa-1.
- Uma amagama ege noma ehle esukela ku 11–15 kuyosuswa amamaki ama-2.
- Uma amagama ege noma ehle esukela ku 16 kuya ku–20 kuyosuswa amamaki ama-3.



Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

M W F



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**NOVEMBA 2012**

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayi-7.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniwe iziqephu EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Indaba	(50)
ISIQEPHU B:	Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C:	Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (indaba kuphela edinga uhlaka.)

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A:	Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B:	Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C:	Amaminithi angama-30

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA

- Ubude bendaba

Bhala amagama ayi-190 kuya kwangama-240.

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

- Ubude bombhalo

Bhala amagama angama-80 kuya kwayi-100.

**QAPHELA:** Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE ENEMIYALEZO

- Ubude bombhalo

Bhala amagama angama-60 kuya kwangama-80.

**QAPHELA:** Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

- 1.1 Ukubalwa kwabantu (population census) kubalulekile ngoba iyona ndlela uHulumeni athola ngayo ukwazi izidingo zomphakathi. Bhala indaba ngesihloko esithi:

*Ukubaluleka Kokubalwa Kwabantu.*

[50]

- 1.2 Abantu besifazane baseNingizimu banenhlanhla yokunikezwa isithunzi esibafanele. Kuningi okwenzekile okukhombisa intuthuko yabesifazane. Bhala indaba ngalesi sihloko:

*INingizimu Afrika Isikulungele Ukuba noMengameli Wesifazane.*

[50]

- 1.3 *Ekugcineni Ngize Ngamthola Umfowethu.*

Bhala indaba ezokhombisa ukuthi nadukelana/nalahlekelana kanjani, yikuphi owakwenza ukuzama ukumfuna, nokuthi umthole kanjani.

[50]

- 1.4 Abantu sebeyaziqhenya ngobuzwe nangamasiko abo. Ziningi izinto ezifakazela lokhu. Kugujwa inyanga yamasiko, nabantu abaningi bagubha imicimbi eyehlukene ngendlela ehambisana namasiko abo. Bhala indaba ngesihloko esithi:

*Ngiyaziqhenya Ngesiko Lami.*

[50]

- 1.5 Bangingi abantu abakhulisa izingane okungezona ezabo. Bhala indaba ngesihloko esithi:

*Ngiyayibonga Indlela Abangikhulisa Ngayo.*

[50]

1.6 Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba ngalokho okukufikelayo emqondweni. Yinike isihloko esifanele indaba yakho.


1.6.1



[icashunwe ku-[www.novadevelopment.com](http://www.novadevelopment.com)]

[50]

1.6.2



[icashunwe ku-[www.novadevelopment.com](http://www.novadevelopment.com)]

[50]

1.6.3



[icashunwe ku-[www.novadevelopment.com](http://www.novadevelopment.com)]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50



**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

- 2.1 Unomngani enanifunda naye ibanga le-12 eminyakeni emine eyedlule. Lo mngani wayekusiza kakhulu ngoba wena wawuvela ekhaya elihluphekayo. Mbhalele **incwadi** umbonge ngosizo lwakhe uphinde umazise nangempumelelo yakho kule minyaka emine ningasabonani. [30]
- 2.2 Kube khona izikhukhula (floods) endaweni eseduze nalapho uhlala khona. Abantu balapho abanakho ukudla nendawo yokulala. Bhala **inkulumo** ozoyethula emhlanganweni womphakathi ucele ukuthi abantu basize ngendlela abangathanda ukusiza ngayo. [30]
- 2.3 Khetha usaziwayo omthandayo uxoxisane naye umbuze konke ofisa ukukwazi ngaye. Bhala **i-inthavyu** ephakathi kwakho naye. [30]
- 2.4 Bekunomhlangano wabakhokhi bentela (Rate payers) lapho bekuboniswana ngezidingo zomphakathi njengokuthuthwa kukadoti, ukukhanya kukagesi kanye nokuvalwa kwemigodi (pot holes) emigwaqweni. Wena njengonobhala wenhlangano bhala **i-ajenda namaminithi** alo mhlangano. [30]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

**ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

- 3.1 Uvule ibhizinisi lokuthengisa omakhalekhukhwini. Bhala **isikhangisi** wazise umphakathi ngaleli bhizinisi lakho elisha. [20]
- 3.2 Wawina iholide lesonto lonke lokuya eMauritius. Bhala **iphosikhadi** wazise umndeni wakho ukuthi wahamba kanjani, ubaxoxele nangobuhle kanye nobuntu bezakhamizi zakulesi siqingi (island). [20]
- 3.3 Use Morningside eWestgate Gardens kuGoble Road ufuna ukuya eSuncoast Casino Entertainment Centre. Sebenzisa **inkombandlela** engezansi usho ukuthi uzofika kanjani kule ndawo.



[20]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**